# *UNKULUNKULU UNENDLELA EHLINZEKIWE*

Sanibonani bangane. Siyajabula ukuba lapha kulokhu ukusa, etabernakele, futhi, eGameni leNkosi uJesu, ukukhonzisa abantu baKhe, ngeZwi elilotshiweyo nangomkhuleko wabagulayo. Ngifike sekwephuzile nje, mina uqobo, uku—ukuvela.

2 Futhi ngijabula kakhulu ukuba lapha futhi ngibone lolusuku oluhle, nonke nina bantu niphumile ukukhonza iNkosi. Ngi . . . Anijabuli yini ukuthi ninamandla anele okuba sebandleni, namhlanje ekuseni na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Kunabantu abaningi abangakwazanga ukuza. Bangena ocingweni phezulu lapho ekhaya, ngokuhamba kosuku, futhi balalele abantu nje. Batshele, bathi, "Awu, ngeSonto ekuseni sikhulekela abagulayo ezansi etabernakele." Abantu abangenayo, ngani, abazange banyakaze iminyaka. Cabanga nje, khona-ke, niyakwazi ukuba lapha namuhla. Yeka ukuthi kuyinto eyisibusiso kanjani ukwazi ukuphuma!

3 Uyazi, kunesisho esidala engake ngasifunda, sathi, "Ngakhalaza ngokungabi nazicathulo ngaze ngabona indoda engenazo izinyawo." Ngakho-ke, yilokho-ke. Uma uqalaza, kuhlale kukhona umuntu okabi kakhulu kunawe. Ngakho-ke lokho yi . . .

4 Kodwa ukucabanga, kulokhu ukusa, ngaphezu kwakho konke ukuthi sinoMsindisi onothando, osithandayo nosikhathalelayo, futhi sazi ukuthi lo msebenzi omkhulukazi esidlula kuwo, kanye nezikhathi nobunzima esiyikho, kuyingxenye engeyinhle yalolu hambo. Futhi ukuthi ngolunye usuku siyokwemukela umzimba ongasoze wagula, noma ongasoze waguga. Awusoze waba njalo . . . Futhi asisoze sahlukana. Sizohlala njalo sindawonye.

5 Ngithanda inhlanganyelo. Wonke umuntu, ngiyakholwa, ikakhulukazi amaKristu, ayayithanda inhlanganyelo. Futhi ukucabanga ngenhlanganyelo yethu emangalisayo! Futhi, manje-ke, ngolunye usuku sizoba ndawonye, ukuze singalokothi sihambe, singalokothi nje sihambe. Ungalokothi ukhathazeke ngokuthi abantwana bazolimala noma lutho, kuzoba . . . Ngeke ibe khona into enjalo. Kuzoba nje . . . Ungalokothi ukhathazeke ngokuthi ukudla kwethu kuvelaphi; bahlale bezilungiselele futhi besilungele. Futhi akumangalisi yini lokho na? Kulowonyaka omkhulu ozayo. Futhi yingakho sinamabandla, no—noMoya oNgcwele ukhona namuhla, a—abantu abafunisisayo

enhliziyweni kaNkulunkulu, ukubalungiselela lesosikhathi. Yilabo abenza isinqumo sabo manje, ngalolo hlangothi, yibo abazojabulela lezozibusiso Phakade.

6 Futhi ngithemba ukuthi uma kukhona umuntu lapha, namuhla, ongakaze enze lolo hlobo lwesinqumo sokukhonza iNkosi uJesu, ukuthi lolu kuzoba usuku lapho nizokwenza khona. Futhi, kusukela namuhla kuqhubeke, uzojoyina leli bandla elikhulu lamakholwa, futhi umashe ubheke ngasekunqobeni. Ngolunye usuku kuzophela.

7 Mfowethu Fleeman, ngikholwa ukuthi kukhona i—i—ibhentshi khona lapha, uma ungathanda ukuthatha lelo manje, mhlawumbe ubungahlala. Nasi isihlalo esisodwa lapha. Thina. . . Itabernakele lethu lincane kakhulu lapha, asinayo indawo eyanele yabantu. Kodwa, nokho, konke kusukela ngoLwesihlanu ebusuku kuqhubeke, sivame ukuzama ukungenisa, futhi sibalethe lapho esingabakhulekela khona lapha etabernakele nga—ngamaSonto ekuseni.

8 Futhi izwe, ngempela sinezwe eligulayo, inqwaba yabantu, ukugula, inkathazo, usizi. Kodwa, njengoba sisho, kunesikhathi esisodwa lapho kungeke kusaba khona. Ngeke yini kumangalise lapho singeke sisaphinde sibakhulekele abagulayo futhi, singasophinde sikhulekele isoni na? Sekuphelile, konke kushabalele, ekukhohlweni okukhulu konyaka, khona-ke siyophila naYe.

9 Manje, siyazi ukuthi kuminyene kancane phakathi lapha. Futhi si—sifisa sengathi singanenza nithokomale kakhudlwana, kodwa asikwazi. Ngakho-ke sikhuleka nje ukuthi uBaba wethu onomusa, uBaba waseZulwini uzonenza nijabule kakhulu enhliziyweni yenu, ngoBukhona baKhe, ukuthi ngeke nisibone isimo sokuminyana okufanele nihlale kuso ngenkathi izinkonzo zisaqhubeka. Sengathi ningathokomala kuYe!

10 Futhi manje, namuhla, sizofunda eZwini imizuzwana embalwa, bese sikhulekela abagulayo nabasweleyo. Ikakhulukazi, inkonzo yami. . . Angiyena kakhulu u—uthisha, eZwini likaNkulunkulu, futhi mhlawumbe angazi okuningi kakhulu ngeNcwadi yaKhe. Kodwa, njengoba bengivame ukusho, ngimazi kahle uMbhali. Futhi lokho kuyinto esemqoka. Ngi—ngifuna ukwazi Yena.

11 Ukwazi Yena kungukuPhila. Futhi ngi—nginokuPhila ngokwazi Yena; OkuPhakade, ukuPhila okunguna phakade okungenakubhubha. Kungunaphakade. UNkulunkulu unikeza isipho saKhe sokuPhila okuPhakade, futhi Kuhle kuze kube phakade. Akusoze kwabhubha, futhi akusoze kwaguga futhi kunciphe. Umzimba wakho uzoguga ngolunye usuku, uma uphila. Kodwa umphefumulo wakho, umoya wakho, awusoze waguga.

12 Ngake ngahlangana nomuntu omdala, owayesedlule iminyaka eyikhulu, futhi bathi babengumKristu kusukela beneminyaka eyisikhombisa ubudala. Futhi ngathi, "Mfowethu, kunjani, kanjani kuwe namhlanje na?"

13 "O," wathi, "Mfowethu Branham, Uya ngokuba mnandi njengoba iminyaka idlula." Cishe iminyaka eyikhulu nane, noma emihlanu, iminyaka ubudala.

14 Futhi ngacabanga, "'Usemnandi njengoba iminyaka idlula,' cishe amashumi ayisishiyagalolunye nesikhombisa, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, yokukhonza iNkosi, futhi Yayisalokhu iba mnandi kakhulu." Ngiyacabanga, lapho iminyaka iqhubeka, Uyobe esengcono ngaso sonke isikhathi; uma sibuka emuva futhi sibone lokho uNkulunkulu asedlulise kukho, futhi wasikhipha kukho, futhi wasingenisa.

15 Impilo yobuKristu ilu—uhambo. Lolu wuhambo olungcwele lapha, futhi sidlula nje kulelizwe. Futhi thina si—thina ngeke sihlale lapha, niyakwazi. Izikhathi eziningi sakha indlu, sithi, "Awu, mina nomndeni sizogxilisa ihange lapha ezansi." Kodwa, kanjani, isikhathi esingakanani na? Niyabo? Awazi. Futhi singathanda njalo ukuthola indawo lapho esingasho khona ukuthi, "Lokhu kungokwethu, inguna phakade." Kodwa akukho lapha, emhlabeni. Asinayo indawo enjalo lapha emhlabeni.

16 Kodwa kukhona okukuwe okubiza leyondawo. Futhi ngaphambi kokuba kube khona noma yini kuwe ebiza leyondawo, leyondawo ifanele ibe khona, noma bekungeke kube khona lutho lapha okukubizayo. Utwa alukwazi ukubiza uTwa ngaphandle uma kukhona uTwa ukusabela kulo. Ngakho-ke kufanele kube khona okuthize ngaphakathi, okubiza indawo, ngaphambi . . . Kufanele kube neNdawo kuqala, njalo, ukwenza lokhu kubizela okujulile kuKho, bese kuthi-ke uma kukhona okuthize phakathi lapha okufisayo.

17 Manje ngibona abanye babangane bami engikhule ndawonye nabo, futhi, sindawonye lapha. Futhi ngiyacabanga, eminyakeni embalwa edlule, abafana abancane bedlala imabula phandle lapha phandle lapha estaladini, futhi bedlala ithopu, begibele amahhashi, futhi namuhla singena emadodeni aphakathi nendima yempilo. Bese-ke ngiqaphela oyise, ababili noma abathathu, behlezi lapha kulokhu ukusa, okungukuthi, o, ngenkathi besebasha, amadoda anamakhanda amnyama, futhi namuhla bahlezi lapha beqhaqhazela futhi bebadala. Futhi sifanele sihlangabezane naleso sipiliyoni esiqhaqhazelayo nesidala. Kodwa nje ngamunye ngamunye, siyazungeza sehla, abahambi nezihambi nje, sidabula. Manje, into ebusisiwe phakathi lapha, ukuthi . . .

18 Bengikhuluma nenenekazi emzuzwaneni nje embalwa edlule, elalihlushwa yisimo sokuguliswa yimizwa, kanye

nesimo sokuguliswa yimizwa. Ngi. . . Lishilo ukuthi lalizame kanjani ukukunqoba. Manje, angiyena kakhulu oweChristian Science noma i-Unitarian. A—angikholwa ukuthi kukhona noma yini efana nengqondo phezu kwendaba. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ungumphilisi. Manje, ngi. . . Inenekazi lazalwa likuleso simo sokuguliswa yimizwa. Unina noyise bafa lisengumntwana, ingane, futhi lakhula, lizanyazanyiswa cishe yonke indawo, futhi alikaze libe nothando nokunakekelwa okufanele ingane enakho.

19 Uyazi, mama, kukhona engifuna ukukutshela khona. Ngiyazi ukuthi nginomfana omncane emuva lapho, futhi wonakele ngokwezinga elithile, kodwa ngingamane ngibe naye ngaleyondlela. Ngikholwa ukuthi kuzokwenza umuntu ongcono kuye, uma uNkulunkulu emvumela ukuba aphile, kunokumvumela ukuba amemeze futhi akhale, futhi acasule ubuyena bakhe obuncane.

20 Lalela, eminyakeni embalwa edlule, izinyanga-bathakathi ezejwayelekile zesimanje zasho, ukuthi, "Mayikhale leyongane. Ungayithathi. Kuzo zonke—zonke lezizinto ezinjalo, ungavumeli ugogo akuthinte." Futhi niyazi ukuthi bachamuselani na? Niyabona ukuthi kuyini na? Ubuhlongandlebe bentsha, inqwaba yokuguliswa yimizwa.

21 UNkulunkulu wenza ingane ukuthi ithandwe. Yingakho enza umama ukuthi athande ingane. Yingakho thina si—thina si—thina sifanele sibe ngalendlela. UNkulunkulu wakwenza ngaleyondlela. Futhi noma nini lapho uphazamisa uhlelo lukaNkulunkulu, ufanele ukhumbule ukuthi unephutha futhi uzobe unephutha, inqobo nje uma uphazamisa uhlelo lukaNkulunkulu. Landela uhlelo lukaNkulunkulu. Kwenze ngendlela uNkulunkulu athi kwenze ngayo. Manje, indlela kuphela lokho okungaba ngayo. . .

22 Njengoba nje, wazalwa uyisoni. Futhi indlela kuphela ongaze ube yinoma yini enye ngaphandle kwesoni, kufanele kube okunye ukuzalwa. Ufanele uzalwe ungumKristu. Uma wazalwa uyisoni, khona-ke ufanele uzalwe ukuba ube ngumKristu. Futhi kufanele kube yinto ethile eyenzekayo ngaphakathi kuwe.

23 Futhi leyo yinto efanayo okufanele yenzeke ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Kufanele kube yinto ethile eyenzekayo, hhayi nje okusetshenziwe noma idlingozi. Kufanele kube yinto eyenzeka ngempela, futhi uyazi ukuthi kuyenzeka. Niyabo? Akusikho nje, "O, awu, ngizovele ngikucabange nga*le*ndlela, futhi ngikutadishe nga*leyo*ndlela." Lokho akukwenzi. Kufanele kube yinto ethile eyenzeka ngempela.

24 Manje, namuhla, futhi silindele umthwalo wama-ambulensi athi awabe mabili abantu azophushelwa phakathi, emizuzwini embalwa, lokho kuza ngendiza. Futhi sifuna ukungena esifundweni kulokhu ukusa, salabo abalapha,

abagulayo nabaswele kakhulu, phezu kwendaba yokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukuze ukukholwa kwakho kwakhelwe phezu kokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukwazi ukuthi kuyini ngempela, nokwazi okumele ukwenze, enziwa kanjani amalungiselelo uku—ukuzilungiselela ukuphulukiswa kwakho.

25 Bangaki abafunde i*Christian Life,* kulenyanga na? Niye nakwazi ukuyifunda, iphephabhuku i*Christian Life* na? Ngiyakholwa . . . Qhabo, ngicela uxolo. Ngiyitholile kule nyanga, kodwa yathunyelwa kimi. Kudokotela odumile e-Illinois, wabuzwa umbuzo, "Kuthiwani ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu na?" Ngifisa sengathi ngabe ngililethile, kulokhu ukusa. Futhi wathi, "Ingabe kukhona okunjalo na?" Bambuza, "Ingabe ikhona into ebizwa ngokuthi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu na?"

26 Wathi, "Impela." Futhi uma lowo dokotela engakuchazanga ncamashu ngendlela engikuchaze ngayo! Mayelana nokusikwa kwesandla sami, ukuthi awusakhi isicubu; umuthi.

27 Si—sicabanga ukuthi umuthi uyamangalisa. Futhi ngeke sithi, "Ungawusebenzisi." Ngoba, kuyinto . . . Njengoba nje, ngeke ngisho ukuthi, "Ungasebenzisi insipho ukugeza izandla zakho." Iyikhemikhali. Kodwa, ngemva kwakho konke, umuthi awuphulukisi. Umuthi ugcina kuhlanzekile, ngenkathi uNkulunkulu ephulukisa.

28 Awukwazi ukuhlela ingalo yakho, futhi uDokotela akakwazi ukungena futhi ahlele ingalo yakho, athi, "Manje isiphulukisiwe." Uvele ahlele ingalo yakho, futhi ahambe futhi adedele Nkulunkulu akuphulukise yona. Yileyo ndlela kuphela okungenziwa ngayo.

29 Awu, manje, leyo yindlela efanayo ngokuthatha umuthi. Kodwa, umuthi ulungile, kulungile ukuhlela ingalo yakho uma uyephulile, kodwa uNkulunkulu ufanele enze ukuphulukisa. Awu, manje, lokhu ngukuthi . . .

30 Lokhu kuphulukiswa, ufanele ube nokukholwa. Kubizwa ngokuphulukisa ngokukholwa. Wathi lodokotela wathi, "Awu, kukhona into okuthiwa izimangaliso." Wathi, "Futhi ngikubonile, izikhathi eziningi." Wayengudokotela ohlinzayo owaziwayo. Wathi, "Izikhathi eziningi . . . " Wathi, "Manje, uma ufika ezinkolelweni-ze ezingenaGazi, osho ukuthi enye indoda iyakwenza, noma—noma into ethize efana nama-Unitarian, nokunye nokunye," wathi, "Bengingeke nje ngibeke izandla zami kalula kulokho. Kodwa," wathi, "Ngiyakholwa, futhi ngiyazi, ukuthi iGazi likaJesu Kristu lanele konke ukuphulukisa noma yikuphi ukugula." Niyabo? Manje, kuza ngoKristu. Ukuphulukisa kuvela kuKristu, yedwa. Futhi konke kuza . . . Uma ukuphenduka kwakho . . .

31 Manje, ngibone abantu abenza sengathi, bathi, "Awu, manje ngizophenya ikhasi elisha. Ngunyaka omusha. Ngizozama

ukwenza kangconywana kulonyaka kunokuba ngenza ngonyaka odlule." Kodwa, uthola ukuthi, akusebenzi. Futhi kanjalo nabantu abathatha ukuphulukiswa kwabo mahlaphahlapha kanjalo; akusebenzi. Akuhlali isikhathi eside.

32 Kepha nxa owesilisa noma owesifazane eza kuKristu, nenhliziyo ezinikele ngokupheleleyo, futhi ekholwa, kuze kube (bona ba) ngokoqobo into ethize iyashintsha ngaphakathi kwabo, lowomuntu unokuPhila okuPhakade.

33 Futhi indlela efanayo ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Uma umuntu eza kuKristu, phezu kwesisekelo sokukholwa iGazi likaKristu elichithiweyo lalingelokuphulukiswa kwakhe, "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina," futhi uyakwamukela, kuze kwenzeke okuthile enhliziyweni yakhe, okuthi, "Kunjalo. Ngizophila." Ngiyanitshela, ayikho nhlobo indlela yokubavimba ukuba baphile. Bazophila. Kunjalo.

34 Akumele utshele umuntu ukuthi ayeke ukwenza isono ngemva kokuba esezelwe ngokusha. Kuvele kume nje, ngokwakho.

35 Awu, kuyinto efanayo, awubatsheli abantu, "Manje qhubeka ubambelele," ngemva kokuba sebephulukisiwe. Bavele nje...Kukhona okwenzekayo ngaphakathi kubo. Futhi akukhona ngaphandle ngaphakathi; kungaphakathi ngaphandle. Kuyenzeka phakathi *lapha*, kuqala. Uyakukholwa ngokuphelele. Bese kuthi-ke, ukusuka lapho kuphume, kuqala ukusebenza.

36 Futhi, manje-ke, ngikubonile kwenzeka ngokuzenzakalelayo kakhulu, okwadala izimangaliso ezivelele.

37 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini likaNkulunkulu, ngendaba, ake sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Futhi wonke umuntu, ngendlela yakho uqobo manje, asihlangane neNkosi.

38 Baba wethu waseZulwini, onomusa, siza kuWe, ngokuzithoba okukhulu, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho ethandekayo. Siza eGameni laKhe ngoba Yona isibizile ukuba senze njalo, ithi, "Noma yini eniyakukucela kuBaba eGameni laMi, Ngiyokwenza." Manje-ke, uma sibeka iGama laYo, siyazi ukuthi sibophezelekile ukuba nenkulumo noNkulunkulu, futhi lomkhuleko uyoyiswa ngqo kuYe.

39 Futhi, Baba, sidinga kakhulu, namuhla, impendulo yalomkhuleko. Futhi siyeza, emva kobusuku bomkhuleko nokucabangela, ngitadisha iZwi, ngibuza nje ukuthi Ubufuna sithini kulokhu ukusa, kwabafayo, abantu abagulayo. Ukwazi ukuthi kuyisibopho esibaluleke esinesizotha kakhulu, futhi sifanele siphendule, ngolunye usuku, ngenxa yokwethembeka kobunceku bethu phezu kwefa likaNkulunkulu.

40 Bese kuthi-ke, siza ngokuzithoba, sikholwa, izinhliziyo ezikhotheme kuWe, sithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kithi lapha namuhla. Sithethelele zonke izono, Nkosi." Kwangathi lenhliziyo, yalababantu lapha namhlanje, ingahlanzwa ngokuphelele kakhulu, ukuze uMoya oNgcwele uzohamba ngendlela emangalisayo, thatha iZwi laKhe futhi uLiletha kuyo yonke inhliziyo. Futhi kwangathi wonke ongakholwayo, namuhla, angaba ngumntwana kaNkulunkulu wangempela, ozelwe ngokusha. Futhi kwangathi wonke umuntu ogulayo angaphulukiswa namuhla. Kwangathi uMoya oNgcwele ungasinika lokho kukholwa kokufinyelela phezulu okuzokhwela ngale kwamathunzi nawo wonke amafu, ubambe uNkulunkulu futhi uMlethe ebukhoneni bethu, noma usingenise eBukhoneni baKhe. Siphakamise ngaphezu kwamathunzi. Kwangathi kungabi nasithunzi esisele. Sengathi sonke singahlanganisa imiphefumulo yethu noNkulunkulu manje.

41 Woza eZwini laKho, Nkosi. Wena wethembisa ukuthi Uyobusisa iZwi laKho noma kuphi lapho Lakhulunywa khona. Futhi Wena wathi Aliyikubuyela ize kuWe, kodwa Liyofeza lokho Elikuhlosile. Futhi, Baba, Wena Othumele iZwi! Manje, kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha iZwi manje futhi ungene ngqo ezinhliziyweni zabantu, futhi umise ukukholwa okungenakunyakaziswa, Nkosi, okuyophulukisa abagulayo nabahluphekileyo. Sindisa abalahlekileyo. Nikeza ulwazi kulabo abangenalo. Sifihle manje phakathi emva kukaKristu, Nkosi. Futhi makuthi thina, konke ukukhuluma kwethu, nokushumayela, nokufakaza, noma yini engenzeka, kwangathi konke kungaba ngoKristu, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

42 Uma ngicabanga ngobuhle baKhe! Manje, lena indikimba ejwayelekile. Ubusuku bonke, ngangibonakala njengokuthi . . . Ngisho nangemva kokuba sengiye kolala, angikwazanga ukususa lendikimba engqondweni yami. Kwadingeka nje ukuba—ukuba ngikugcine engqondweni yami. Nokho, ngiye ngasondela kukho izikhathi eziningi. Futhi ngavele ngakugcina engqondweni yami. Futhi namhlanje, ngosizo lukaNkulunkulu, ngifuna ukukhuluma kancanyana, ngingazi ukuthi yini, noma kungekho nelilodwa igama elilungisiwe, noma lutho. Asishumayeli kunoma imaphi amanothi. Lokho nje iNkosi ethi kwenze, futhi uqale futhi ume, futhi uzama ukukwenza, lapho . . . emyalweni waKhe.

43 Ngale eNcwadini kaGenesise, isahluko se 22 nevesi le 7, sifunda lokhu. Ivesi le 7 nele 8, ngendlela nje yendikimba.

> *Futhi u-Isaka wakhuluma ku-Abrahama uyise, wayesethi, Baba wami: wayesethi yena, Ngilapha, ndodana yami. Wayesethi, Bheka nanku umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?*

*U-Abrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uzakuzibonela iwundlu lomnikelo elizakushiswa: bahamba bobabili kanyekanye.*

44 Manje, ekufundeni iZwi, indikimba ejwayeleke kakhulu, kodwa ngifuna ukuthatha okwendaba, uma uNkulunkulu ethanda, okwesikhashana nje: *UNkulunkulu UneNdlela Ehlinzekiwe.*

45 Manje, imigwaqo emikhulu, umnyango wemigwaqo emikhulu, unomgwaqo omkhulu ohlinzekelwe nina ukuba nize eJeffersonville, noma ngabe uvelaphi, okwenkonzo kulokhu ukusa. Beninakho. . . Unomgwaqo omkhulu ohlinzekiwe. Uvele ulandele umgwaqo omkhulu. Thola imephu, landela umgwaqo omkhulu. Kulula kakhulu. Iya noma yikuphi e-United States, ngokuthola nje imephu yomgwaqo omkhulu.

46 UNkulunkulu unemephu ephawuliwe ngokuphulukiswa kwethu, ngensindiso, kanye nemephu ephawulelwe iNkazimulo. Konke kuholela ngaleyo ndlela. Futhi ngenkathi sihamba kulona okhulu, umgwaqo omkhulu omdala, uma sidinga i—indawo yokuphulikisa. . . Uzoqaphela, emephini, kuneziteshi ezincane eceleni komgwaqo, lapho iNkosi isilungiselele indawo yokuphilisa. Unabefundisi yonke indawo ezansi nomgwaqo, one. . . ukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi bakhulekela abagulayo nabaswele.

47 Njengomhambi owawa, evela eJeriko, esuka eJerusalema eya eJeriko, futhi bamyisa endlini yezihambi, indawo encane ehlinzekelwe. Futhi bathela amafutha phakathi, futhi banikeza imali ethile, futhi waphila. Futhi iNkosi yathi, noma umuntu wathi, njalo, "Uma kukhona noma yini okungaphezu kwalokhu, uma ngidlula, ngizo—ngizokulungisa, uma ngibuya futhi, ohambweni lwami olulandelayo." Ngakho-ke, siyazi ukuthi uNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe.

48 Ekubeni ngumlingiswa kuka-Abrahama, kulokhu ukusa, ekhuluma, noma emthatha njengomcabango oyisisekelo. Yena, ngokubona wami, ungomunye wabalingiswa abavelele kunabo bonke baseBhayibhelini, futhi omunye wabalingiswa engibakhonzile kakhulu ukuletha kubantu njengesibonelo.

49 Manje kumaHeberu isahluko se 11, noma isahluko se 12, ivesi 1, lathi:

*. . . ngokubona thina. . . sizungezwe ifu e*likhulu kangaka *labofakazi, masilahle zonke* isono*, kanye ne—i. . . isisindo, nesono. . . esisithandela kalula,. . .*

50 Manje, siyaqonda ukuthi isono siyinto eyodwa kuphela, okungukuthi, ukungakholwa. Isono sisebunyeni. Izono. . . Uyisoni ngoba ungangokholwa. UngumKristu ngoba uyikholwa. Akusho, manje, kanye, noma. . . Izikhathi eziningi ngike ngasho, ukuthi, ukubhema, ukuphuza, ukugembula, nokuphinga, ukuqamba amanga, lokho akusona isono. Lezo

yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Yilokho ukungakholwa okukukhiqizayo. Yingalesosizathu ukwenza, yingoba ungongakholwayo. Kodwa uma uba yikholwa, khona-ke zonke lezi zinto ziyashabalala, futhi kuyimpilo entsha yokukholwa, futhi kuveza ukulunga, ukuthula, injabulo, uthando, ukubekezela, ubuvi, ukukhuthazela, ububele. Lezo yizingxenye ezingahlukaniseki, ngoba uyikholwa. Manje, Nkulunkulu . . . Sewake wema ukuba ucabange . . .

51 Manje, okwesikhashana nje, ake sibheke ngqo emBhalweni nje. Futhi ngiyaWuthanda, ngoba uyindlela yezinyawo kaNkulunkulu. Ungukulunga kukaNkulunkulu.

52 Futhi zonke lezi zinto ezenzeka emuva eTestamenteni Elidala zaziyisibonelo salokho thina esingaba yikho uma sithatha into efanayo, nomgwaqo abawenza. IBhayibheli lathi baphunyuka osikweni lwenkemba, benze zonke lezizinto ezehlukene, abafileyo babo bavuswa. Futhi wena wathi, "Kodwa lokho kwakungesikhathi seBhayibheli." Lokho kwenzeka khona namuhla. Lesi yisikhathi seBhayibheli. Selokhu uMoya oNgcwele ufikile, yisikhathi seBhayibheli njalo njalo. Asilokothi siphume kukho. Nakuba, niyazi ukuthi sinokushushiswa ngalezi zindaba, futhi abantu abangakukholwa bayokwenza inhlekisa, bahleke usulu. Babenakho emuva lapho, futhi.

53 Kodwa ngolunye usuku, lapho ukuphila sekuphelile, indaba iyoxoxwa phezulu ngaleya eNkazimulweni, lapho kuhlatshelelwa iculo lokuhlenga. O, sengicishe ngisibone isikhathi lapho uJesu efika emhlabeni, nabahlengiweyo bema eBukhoneni baKhe, ngezandla eziphakanyisiwe, becula indaba, "Hlengiwe ngomusa!" Lapho iziNgelosi ziyoma zizungeze umhlaba, namakhanda ekhotheme, zingazi ukuthi sikhuluma ngani. Azizange zidingeke ukuba zihlengwe. Nguwe nami esidinga ukuhlengwa. Kwakunguwe nami uKristu amfela. Yingakho singacula "Umusa ohlengayo!" INgelosi ayazi lutho ngakho; ayizange iwe. Yeka isikhathi okuyoba yiso! O, he!

54 Uma ngicabanga, kuyo yonke imibimbi emidala yalo mzimba izoqondiswa; zonke izinzwele ezimpunga zinyamalala; amahlombe agobile aqonde; "Hheyi, buka Angenzele khona." Khuluma ngomusa ohlengayo, niyolizwa iphimbo lami, ngiyazi niyolizwa. Hhayi elami kuphela, kodwa wonke umuntu, uzozwa iphimbo labo lapho becula indaba, "Umusa ohlengayo," ukuthi Wasihlenga kanjani. Futhi manje sinezingxenye ezingahlukaniseki zakho kuphela. Sinediphozothi kuphela, isibambiso sayo. Ngelinye ilanga sizoba nayo kuyinkokhelo egcwele.

55 UJesu akakaze eze emhlabeni futhi wafa ngeze nje. UJesu akazange athathe ishansi, ukuza emhlabeni. UJesu wayengeke akwenze lokho. UNkulunkulu akawenzi umsebenzi wakhe wehhovisi eZulwini kanjalo, ngokungaqini. UJesu

weza emhlabeni ukuze afele injongo, hhayi nje ukubona ukuthi kuyoba khona yini umuntu othile. UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wabeka i. . . wabona yonke into ngaphambili. Uyakukholwa na? Wakubona ngaphambili! Ngokwazi ngaphambili Wakwazi ngaphambili.

56 Ngakho-ke, Wayazi ukuthi kwakuzobakhona iBandla elibizelwe ngaphandle, elingenabala noma umbimbi. Futhi kwadingeka kube namalungiselelo enziwe ukusindisa leloBandla, ngakho-ke Wathumela uJesu. Hhayi nje "mhlawumbe othile angasindiswa," kodwa Wayazi ukuthi ubani owayezokwenza. Ubeyoba nabantu ababizelwe ngaphandle, futhi bangobani. Ubeyoba nabantu abebeyokholelwa ekuphulukisweni ngokukaNkulunkulu, ubengamukela imivimbo yokuphulukiswa kwabo, futhi nina niyibo. UNkulunkulu wayekwazi. Wayazi ukuthi kwakuyoba khona abangakholwa. Kwabakhona-ke. Wayazi ukuthi babeyobakhona. Wakwazi ngaphambili, ngakho ngakho-ke Wayengakusho ngaphambili ukuthi kwakuyoba ngaleyondlela.

57 Futhi Wayazi ngaphambili ukuthi kuyoba khona umuntu othize oyokukholwa, ngakho-ke Wathumela uJesu kulabo ababezokukholwa. Futhi nampa namuhla, bebuthene lapha, indawana eyodwa, ukwemukela lokho uNkulunkulu azi ngaphambili ukuthi kwakuyokwenzeka. UNkulunkulu wenze amalungiselelo alabo abazokholwa, nawe uyingxenye yalokho kulungiselela. UNkulunkulu wazi ngaphambili, ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, ukuthi lezizinsuku ziyoba lapha, yingakho Akwazi ukukusho ngaphambili. Wakwazi ngaphambili, futhi Wenza amalungiselelo alabo ababezokwemukela.

58 Futhi nina ningabantu, kulokhu ukusa, abeze lapha ukuba bakhulekelwe, ukuthi kwenziwa amalungiselelo khona. UNkulunkulu wakwazi ngaphambili. O, he! Lokho kuvusa imizwa yemiphefumulo yethu.

59 Njengoba niqaphela uMoya oNgcwele, lapho Ethatha iZwi futhi aLibeke kulo lonke ibandla, bheka imizwa yezethameli. Uyazi ukuthi ngenzenjani-ke na? Ngiyazi ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu busesakhiweni. Uma ubona indlela, umphumela, Kunyakazisa abantu, uma ubona iZwi nje; UNkulunkulu enza amalungiselelo nokuhlinzeka.

60 Yona impela into oyizela kulelitabernakele, kulokhu ukusa, uNkulunkulu ukwazile ngaphambili futhi wakuhlela, ukuthi ubungemukele yona impela into oza ukuzoyemukela kulokhu ukusa. Amen. Niyakubona na? Niyabo, yonke into isivele ihlelekile. Into kuphela esifanele siyenze ukukwemukela manje. UNkulunkulu usevele ukuthumelile. Kulapha. Manje, into kuphela esifanele siyenze ngukusukuma futhi sikwemukele.

61 Manje ufanele uboniswe ukuthi ukwamukela kanjani, ufinyelela kanjani phezulu futhi ukubambe. Bese kuthi-ke uma ukutholile, khona-ke uyazi ukuthi kulapho. Akukho okuzoyihlikihla iphume; akunakucimeka. Akusoze kwashintshwa.

62 Qaphelani, uNkulunkulu esinika isibonelo lapha, u-Abrahama nomfanyana wakhe u-Isaka. Bengicabanga ngemuva ngaleya ngenkathi u-Abrahama eyindoda ejwayelekile nje. Wayengasesiye kunenye indoda. Yena mhlawumbe . . .

63 Uyise wayengumkhonzi wezithixo, wehlela ezweni laseKaledi, nasemzini wase-Uri, bephuma eBabiloni, lapho babekhonze izimpande zemithi. Futhi babenowesifazane othize enhla lapho, futhi wayefanele ukuba unkulunkulukazi othize nayo yonke into, wawakhiwe ngu—nguNimrode. Futhi yilapho-ke ukukhukhonzwa kwezithombe kwaqala khona, eBabiloni. Futhi abantu bahlakazeka. Futhi iBabiloni labaletha bonke eqenjini elilodwa, njengenhloko eyodwa enkulu, noma inhlangano eyodwa enkulu.

64 Kodwa u-Abrahama waphuma eqenjini elaphuma; uyise. Wayeshade nodadewabo ingxenye, futhi wehla, kodwa . . . futhi wahlala e—ezigodini, esigodini saseShineyari. Futhi lapho uNkulunkulu wakhuluma kuye, eneminyaka engamashumi ayisithupha- . . . noma eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, futhi wamethembisa udaba lokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Nomkakhe, uSara, wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala. Futhi wethembisa ukuthi ngokukholwa kwakhe, kuYe, ukuthi Wayeyokwenzela uSara ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Amen.

65 Yeka isithombe esihle! Kuvelele kanjani! Kanjani, ukuthi lokho, uma uqaphela, kwakuwukukholwa kuka-Abrahama njalo! Ngisho noSara wakungabaza, futhi waze wahleka, futhi waphikisana noNkulunkulu qobo lwaKhe, leyonto ethize, ukuthi waMhleka. Kodwa uNkulunkulu, ngokuzibusa kwaKhe, akakwazanga ukusekela isithembiso saKhe.

66 O, uma ningabona lokho, bahlobo abagulayo, yilapho-ke into ethize izokwenzeka. Kufanele nje. Kusekelwe phezu kokukholwa kwakho kuNkulunkulu.

67 Manje, uNkulunkulu watshela u-Abrahama ukuthi Wayezokwenza, futhi ahlinzeke indlela ethize, ukuze lokhu kwenzeke. Noma ubani lapha ongasekho, nanoma yikuphi eminyakeni yakhe yobusha angazi, ukuthi lokho kwakufanele kube okuvelele . . . okuthile kwakufanele kwenzeke. Kodwa ngaphambi kokuba uNkulunkulu akwenze, noma akwethembise, Wakwenzela ukulungiselela ngaphambi kokuba Enze isithembiso. Futhi kufanele kube njalo.

68 Kubantu abahlezi lapha kulokhu ukusa, abanomdlavuza, inkathazo yenhliziyo, impumputhe; kuzofanele kube ngumnyakazo othize wokungaPhezukwemvelo okungakwenza.

69 Kwakufanele kube ukuhamba kokungaphezu kwemvelo, NgeSonto ekuseni, ngeSonto eledlule ekuseni, ukuthatha lelonenekazi ohlakeni lilele lapha. Amaqakala aphukile, nokuqina kwemithambo, waze wangakwazi ngisho ukumgqokisa ingubo; emizuzwini eyishumi nanhlanu, wayekwazi ukumbambatha eduze kwakhe. Kwenziwa amalungiselelo. Uyakubona na? O, into ekhazimula kangaka pho!

70 Kwenziwa amalungiselelo. UNkulunkulu wazi ngaphambili ukuthi Wayezothumela u-Abrahama, futhi Wavele wamdedela wehla waze waba neminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, ukukhombisa ukuthi kuyoba yisimangaliso, ukuvumela uSara ahambe aqhubeke. Futhi Wayengakhuluma kubo lapho beneminyaka eyishumi nesishiyagalombili noma amashumi amabili ubudala, kodwa Wavele wakuyeka kwafika endaweni lapho bekuyoba yisimangaliso.

71 UNkulunkulu uyathanda ukukhombisa aMandla aKhe. Hhayi ukuthi Ufanele; kodwa Uyathanda ukukwenza. Kungukuthi, kuyaMthokozisa, ekubeni namandla onke kwaKhe, ukwenza izikhonzi zaKhe zazi ukuthi UnguBani. Ngijabula kakhulu ngakho, ngoba Wangikhombisa amandla aKhe. Ngokujwayelekile, lapho uNkulunkulu ekhombisa amandla aKhe, kungakhathalekile ukuthi abantu bacabangani ngakho, abantu bazokuklabalasela ngaso sonke isikhathi. Kulungiselela izinhliziyo zabo. Kubenza balungele. Kubenza baqine futhi balungele ukubamba okusha.

72 Abantu abangakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, nokwenza izimangaliso, akumangazi kanjani ukuthi amabandla ethu efa. Akumangazi ukuthi zibuna kuze kufike enkolelweni-ze engenaGazi. Akumangazi ukuthi iVangeli lenhlalakahle libusa kakhulu namuhla, yingoba emakolishi ethu ezenkolo, nakho konke, sisusa konke okumangalisayo kuNkulunkulu.

73 Futhi uNkulunkulu qobo lwaKhe uyisimangaliso. UyisiDalwa esinguMdali. UnguJehova. UyiQiniso elikhulu. UyiSiqa esikhulu sazo zonke izinto ezenziwa emhlabeni, ezenziwe Nguye. Futhi Uveza aMandla aKhe ngokuphakamisa ilanga njalo ekuseni, ngokuthumela imvula yaKhe, ngokubeka uthingo lwaKhe lenkosazana. Wehlela ezikhonzini zaKhe, futhi ephulukisa ukugula kwabo futhi esindisa izono zabo. Amen.

74 Lona kanye igama, "Nkulunkulu," Yena uqobo, igama elithi *Nkulunkulu* lisho "into ekhonzwayo." Futhi siyaMkhonza ngoba Yena. . .Ebukhosini baKhe, ukuthi ubeke lezizinto phambi kwethu, futhi sizibona zibonakala phambi kwamehlo

ethu. Ukuthi kuyinkazimulo kangakanani ukuMkhonza! Ukuthi Uzazi kusengaphambili kanjani lezizinto futhi azihlele ngohlelo!

75 Mhlawumbe, namuhla, wena uthi, "Mfowethu Branham, ngingumKristu. Ifike kanjani kimi lento na? Kungani ngingene kulolu hlobo lwesimo na?"

76 Awu, mhlawumbe uNkulunkulu wakwenza njengoba Enza ku-Abrahama noSara. Ngani, uSara wayeshade, mhlawumbe, no-Abrahama lapho eseyintombazane eyitshitshi nje. U-Abrahama, cishe insizwa eseminyakeni engamashumi amabili. Kwakukhona iminyaka eyishumi umehluko ngeminyaka yabo. Mhlawumbe yena eyishumi nesithupha naye amashumi amabili nesithupha. Kungani Wayengakhuluma kubo, wathi, "Manje, usuzoba nomntwana manje ebusheni bakho. Ungayithanda ingane yakho manje usemncane, futhi ungayijabulela kakhulu. Futhi uzoyikhulisa, futhi izoba wumfanekiso woMsindisi ozayo," nokunye nokunye. Ngabe Wakwenza ngaleso sikhathi. Kodwa uNkulunkulu uyathanda ukwenza izimangaliso. O! Uxolo. Kodwa ukwazi lokho Akwenzile!

77 Uma ngibuka ebusweni babantu, ngibona owesifazane ehlezi lapha owayebulawa umdlavuza futhi kwaku—kwakungelutho kodwa isithunzi sowesifazane, futhi wayeseqophelweni lokudlula. Nangu ehlezi, kulokhu ukusa, ephile saka, eqinile, enezihlathi ezibomvu.

78 Lapha kuhlezi inenekazi esihlalweni esingaphambili. Bengikhuluma nalo nje, esikhathini esedlule, esinye sezigaba ezimbi kakhulu zohlulwa uphuzo. Futhi nangu la ekhona, hhayi obukeka eguliswa yimizwa; enomoya omuhle futhi ethobekile.

79 Ngibuka ngaleya futhi ngibona owesifazane emuva lapho owayeyimpumputhe, futhi nangu kulokhukusa, kungekho ngisho nezibuko emehlweni akhe.

80 O, nguNkulunkulu enza indlela, futhi Wayenza eKalvari. Ngaphakathi lapho, amathemba ethu awakhiwe phezu kwalutho olungaphansi kweGazi likaJesu elinokulunga. O, Ukwenza kanjani! Kungaphezu kokuthola, kodwa Uyakwenza. Futhi Ukwenzela iNkazimulo yaKhe. Futhi Wenzile amalungiselelo ngakho.

81 Uma ubuzoyisa umntwana wakho emcimbini wohlobo oluthile, ubungeke yini umlungiselele futhi ulungise ingubo yakhe, nokunye nokunye, noma isudi yayo encane, noma ngabe umntwana angaba yini, umfana noma intombazane? Ubungenza amalungiselelo alokho.

82 Uma ubuzojabulisa ohambisana nabo, ubungeke. . . ngedina, ubungeke yini uqale ulungise idina lakho na? Ngokuba, nilungiselela lezi zinto. Ulungiselela lezi zibusiso ezinkulu ezizayo, ongazinika abantu. Awuthandi ukubungaza abantu na? Awuthandi ukuphuma futhi uyise abantu emzini wakho bese

ubabungaza na? Uhlanza yonke into, ulungisa yonke into. U—ubeka imbali encane nga*lapha*, "Lena yindlela abayoyithanda ngayo." Futhi ulungisa into encane *lapha*, "Manje, ngiyabona, ba. . .Bathanda lokhu," futhi ngakho-ke ubuyokulungisa, ukwenza nje amalungiselelo. "Futhi ngiyazi ukuthi bathanda lolu hlobo lwenyama," ngakho ulungiselela leyo nyama ebaba ngempela nemnandi. Ngoba, futhi uma ungezwa ukuthi uyakwenza, uthola omunye umuntu eze akwenze, ongakwenza kangcono. Wenza amalungiselelo, amalungiselelo okuthize, ngoba ufuna isivakashi sakho sibungazeke kakhulu.

83 UNkulunkulu, wacasha ezikhathini zasendulo, Wayefuna ukuba abantwana baKhe babe nokwedlula konke, ngakho-ke Wenza amalungiselelo. Wakutshengisa ngaphambili ngabaprofethi. Wayekwembulile kuKristu. Netafula lidekiwe namuhla. Futhi wonke owesilisa nowesifazane omenyiwe, wamukelekile ukuza kuleliTafula, "Ngokuba yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Konke kubonakale ngaphambili! Kuhlinzekiwe, futhi kwalungiselelwa. Ukudla sekulungile. Ukubiza sekunikeziwe. Wakubona kusengaphambili. Wenza amalungiselelo. Kuyindlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe nina, lapho imiphefumulo yenu ilambile.

84 Inenekazi lishilo kimi, kulokhu ukusa nje, lathi, "Ngangena komunye wemihlangano, ngabona abantu bejabule kakhulu." Lathi, "Ngangingajabule. Ngase ngibabuka, ngathi, 'Impela babenokuthile. Ngifisa sengathi ngabe benginakho lokho.'" Impela, iTafula lalidekelwe lowo mphefumulo ompofu, olambile. Futhi ngaphambi kokuba inkonzo iphele, lalidla eTafuleni elifanayo. O! Ngani? [Udade uthi, "Mfowethu Branham, kwakuyimina lowo."—Umhl.] Lokho ku—lokho kunjalo. ["Futhi manje—manje ngiyajabula namuhla."] Amen.

85 Edakiwe, edakwe endwaze amehlo, ohlulwa uphuzo ngokuphelele, odokotela babo base bemlahlile; nangu, ejabule, ethokozo. Futhi lokho sekuthi akube yiminyaka emibili edlule, ngiyacabanga. [Udadewethu uthi, "Iminyaka emithathu."—Umhl.] Eminyakeni emithathu edlule. Futhi, bukani, kusabambelele.

86 Uma uke weza kuleloTafula, kanye, futhi ubeke izinyawo zakho ngaphansi kwalo, awusoze wasuka futhi. Kuhle kakhulu! Izwe alinakuqhathaniswa nakho. Kumangalisa kakhulu ukwazi uthando lwaKhe ngawe. UNkulunkulu, enza amalungiselelo!

87 Manje Wathi, "Ngizomvumela u-Abrahama. . .Futhi esikhundleni sokumbiza manje, eneminyaka engamashumi amabili nesithupha, noSara eneshumi nesithupha, Ngizolinda baze babe badala. Ngizokuvumela kudlule esikhathini sokuya esikhathini kuSara. O, ngokuvamile kwenzeka cishe amashumi amane, bese-ke. . .amashumi amane, amashumi ayisihlanu,

amashumi ayisithupha. Cishe eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule, khona-ke ngizomfonela. Bese kuthi-ke ngiyovumela u-Abrahama athole amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, khona-ke ngizombiza."

88 Manje, Wathi, "Abrahama, kukhona engizokwenzela khona." Lokho kuhle ngokwenele, inqobo nje uma uNkulunkulu ethe Wayezokwenza.

89 U-Abrahama wathi, "Awu, Nkosi, ngiyajabula ngempela ukukuthola." Futhi wahamba enza sengathi usenayo kakade. Amen. Kungaleyondlela-ke. Uma uNkulunkulu enakho, Ubengeke. . . Wayengeke akusho ngaphandle uma Ekulungiselele. Uma Ekulungiselele, uyofana nokutholile.

90 Uma ngikutshelile ukuthi ngizokunika isihlahla som-oki, futhi wena uthe, "Kulungile, Mfowethu Branham," nakhu ngifika ngiphethe isithelo som-oki esincane futhi ngikunike sona. Unesihlahla som-oki. Impela, kunjalo. Sisesimweni sembewu. Kodwa nje uwusiyeke nje, usitshale emhlabathini, sizoveza isihlahla sembewu yom-oki. Impela.

Kungaleyondlela ngeZwi. IZwi liyimbewu.

91 IZwi lafika ku-Abrahama. IZwi likaNkulunkulu lafika kuye, futhi lathi, "Abrahama, Ngikukhethile." Niyakuthola na? O, ngiyakuthanda lokho nje! Hhayi, "UNgikhethile," kodwa, "Ngikukhethile."

92 Futhi kungani ulapha, kulokhu ukusa, ogulayo na? UNkulunkulu ukukhethile. Namuhla usuku lwakho lokuphulukiswa. "Ngikukhethile. SeNgikulungisile ukudla kwami kwakusihlwa. SeNgikubizile. Manje, ngamunye wenu uyisivakashi, futhi ningenile. Futhi sengilungise yonke into, nazo zonke izibiliboco zihlezi phezu kwetafula, futhi nonke ningaba nazo manje." Isimemo esinjena pho! Manje, uNkulunkulu uyasho manje, ngezinye izikhathi . . .

93 U-Abrahama, u-Abrahama wayengengabaze wathi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Ngijabula kakhulu ukuthola lokhu, lesisithembiso Onginike sona. Ngoba, nakhu la ngikhona, sengimdala, futhi bengilokhu ngifuna abantwana. Ngakho-ke, ngi—ngimdala, futhi ngi—ngingathanda ukuba naleso sithembiso."

94 Awu, u-Abrahama wahamba, njengokungathi ukholelwa ukuthi ingane yayizozalwa ngawo lowo nyaka ofanayo. Kodwa, niyazi, usuku nosuku, kwakungekho shintsho. Futhi-ke kwahamba, usuku nosuku, kwase kuba iviki neviki, nonyaka nonyaka, futhi akukho shintsho. Kodwa iBhayibheli lasho . . .

95 Manje, uma lokho bekungaba uwena nami, awu, mhlawumbe. . . Angisho mina nawe. Kodwa abanye abantu, bayothi, "O, he! UNkulunkulu, uNkulunkulu ungibhekesele

phansi. Akasigcinanga isithembiso saKhe." Kodwa Yena wasigcina isithembiso saKhe.

96 "Futhi u-Abrahama," iBhayibheli lathi, "wakhula waqina kuNkulunkulu." Ngaso sonke isikhathi, kwaba kukhudlwana. Manje, unamashumi ayisikhombisa nanhlanu. Manje sekudlule iminyaka eyishumi, useneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu.

97 Iminyaka eyishumi! Cabanga nje, kungaleso sikhathi lapho ngaqala ukushumayela lemihlangano, futhi kwadlula iminyaka eyishumi; futhi nokho akwenzekanga lutho, umuntu wokuqala engake ngamkhulekela, kodwa ubeyobe esadumisa uNkulunkulu ngoba kwakuzokwenzeka. Ngani na? UNkulunkulu wakulungiselela.

98 UNkulunkulu akasoze akunika isithembiso ngaphandle kokuthi kuqala kunediphozithi yaso. Indoda elungile ibingeke ikunike isheke, ingenayo imali ebhange. Indoda eqotho ingeke. Awu, uNkulunkulu ubengeke akunike isheke kaKhe lensindiso yakho, noma ukuphulukiswa, ngaphandle uma bekunediphozithi yakho. UNkulunkulu usekulungiselele.

99 Watshela u-Abrahama ukuthi wayezoba nomntwana. Kwakuxazulula lokho.

100 Watshela uNowa. Wathi, "Nowa, Ngifuna ukuthi uNgakhele umkhumbi. Yakha ukuze usindise indlu yakho; umkhumbi." Futhi uNowa . . . Akukuhle, kuNkulunkulu na? Ngaphambi kokuba lezi zinhlekelele ezinkulu zenzeke, uNkulunkulu uhlale enikeza isixwayiso futhi wenza indlela yokuphunyuka. Uyalungiselela. Wathi, "Manje, i . . . uNowa," kubheke, "Ngifuna wakhe umkhumbi." Ngani, babengenamanzi emhlabeni; iziphethu ezincane nje. Alizange line. Kwakungekho mvula phezulu ezibhakabhakeni.

101 Futhi ngezinye izikhathi kubonakala kuwubuwula kanjani, emqondweni wenyama, lapho uNkulunkulu enikeza umuntu isithembiso, ukuthi umhlaba awukwazi kanjani ukukuqonda. Akungabazeki kodwa ukuthi lokho lapho uthola isibusiso sikaNkulunkulu futhi wazalwa kabusha, wena, abantu babecabanga ukuthi wawuhlanya. Bathi, "Lowo muntu uyashoda nje kancane."

102 Niyabo Uyabona, nihamba ngokukholwa. O, he! Ulungiselela into izwe elingayazi lutho ngayo. Bahlala kuphela lapho bebona khona. Kodwa siphila ngezinto esingaziboni, esizikholelwayo, uNkulunkulu washo zaziyiqiniso. Ukukholwa akubheki into oyibonayo. Ukukholwa kubheka izinto ongaziboni.

103 Sifanele sijabule kanjani kulokhu ukusa, khona-ke, wonke umuntu ophakathi lapha elungiselela ukuphiliswa kwenu. Impela. "Ngizokwenza kanjani na? Angazi. Kodwa, uNkulunkulu ungilungiselele khona, ngiyeza ukuzokuthatha . . .

kuthole. Yilokho kuphela. Ngizoba yilokho impela Athi angikwenze, futhi ngizokwemukela." Niyabo? Ngokuba yindlela ehlinzekiwe nguNkulunkulu yokukwenza. Wenza amalungiselelo.

104 Manje, uNowa waphumela lapho futhi waqala ukwakha umkhumbi. ubuhle bukaNkulunkulu kuye; Wathi, "Manje, Nowa, kulungiselela ukufika inkathazo. Futhi konke okungekho kulomkhumbi kuzominza, ngakho-ke lungela futhi ungene kulomkhumbi, futhi ungenise umndeni wakho lapho. Tshela wonke umuntu. Wonke umuntu wamukelekile ukuza, kodwa ngiqinisekile ukuthi ngeke bakwenze. Kodwa wena nje—wena nje yenza—yenza ukulungiselela kwabo, noma kanjani. Futhi nanku umkhumbi, futhi yenza lomkhumbi. Futhi wonke umuntu ofuna ukungena, angangena futhi asindiswe." Wayesehamba-ke uNowa, akha;

105 Njengoba unjalo, namuhla, wakha ebufakazini bakho. Wakha umkhumbi womoya, wokusindisa umphefumulo wakho uqobo, wobufakazi bakho, nowenkazimulo kaNkulunkulu.

106 Manje bakha ukhumbi, futhi abantu bayadlula futhi bahleke futhi bahlekise ngaye. Futhi bathi, "Hheyi, uzwile ngaloyamfo ethi kuzobo namanzi ehlela phansi na? Azovelaphi na? Ngani, angeke abebikho amanzi phezulu lapho. Buka, uyawabona amanzi na? Kuluhlaza okwesibhakabhaka njengoba kungaba njalo. Awu, sesihlale lapha yonke le minyaka, awakaze abe khona amanzi. Abengafika kanjani na? Awekho amanzi phezulu lapho, futhi lomfo uthi, 'Umhlaba wonke uzombozwa amanzi.' Awu, leyondoda kumelwe ukuba iyahlekisa kancane nje phezulu lapha. Kukhona okungahambi kahle ekhanda layo."

107 Kodwa kungani akwenza na? Kungani enza amalungiselelo na? Ukuhlangabezana nokulungiselela kukaNkulunkulu na? UNkulunkulu wayezolungiselela ukubhubhisa izitha zomhlaba, futhi uNowa kwadingeka akhe indlela yokulungiselela into ethile azogibela kuyo.

108 Futhi kungaleyondlela namuhla. UNkulunkulu wenze indlela yokubhubhisa lowomdlavuza. UNkulunkulu wenze indlela yokukhipha ubumpumputhe emehlweni abo. UNkulunkulu wenze indlela. Futhi sizama ukwenzani ngaleliZwi, kulokhu ukusa na? Kungukuthi, ukwakhela okuthile ozogibela kukho, ukunqoba kwakho. IZwi likaNkulunkulu, ISHO KANJE INKOSI, niyabo, gibela eZwini laKhe. "UNkulunkulu washo njalo!"

109 Emva kwesikhashana, ngenkathi uNkulunkulu elungiselela ukuba kwenzeke, imvula yayiphezulu lapho. Futhi uma uNkulunkulu ekulungiselela ukuba kwenzeke, kuyohlala kukhona lapho. Niyabo? UNkulunkulu wenza indlela yaKhe, emva kokuba Esenze ukulungiselela. Kulungile.

110 Wenza into efanayo, WayezoZikhazimulisa kubantwana bamaHeberu. Wenza ukulungiselela. Wakwenza nini na? Abantwana bamaHeberu babengenaso isithembiso. Abakwazanga ukubuyela lapha futhi bafunde eBhayibhelini, futhi bathi, "Nkosi, Wethembisa eZwini laKho ukuthi noma yimuphi wabantwana baKho oke wangena esithandweni somlilo, Ubuzobakhulula. Kulungile, Nkosi, siza khona lapho phezu kwalokho." Awu, lokho bekungeke kube nzima kakhulu ukukwenza; ukukholwa kwabo nje, ngoba uNkulunkulu wayesevele esekwethembisile. Kodwa uNkulunkulu wayengabathembisanga into enjalo.

111 Kodwa, nanka amazwi ababenawo. UNkulunkulu wayengokoqobo kakhulu kubo; bathi, "UNkulunkulu wethu uyakwazi." Kuthiwani ngalokho, umfo ongakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu na? "UNkulunkulu unamandla okusikhulula, makuze lezi isithando somlilo, kepha asiyikukhothamela izithombe zenu." Futhi lapho bengena esithandweni somlilo, phezu kokungenalutho, ukukholwa okuphelele, ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okukwenza; hhayi okuthenjisiwe, kodwa Wayenamandla okukwenza. UNkulunkulu wathumela uKristu esithandweni somlilo, futhi wabhula umlilo kubo, futhi wabavikela futhi wabakhipha. Impela. Kodwa, ngithi, uNkulunkulu unamandla okukwenza.

112 Manje awufiki, uthi, "UNkulunkulu unamandla okukwenza." Akumele ube yilokho.

113 "Nkulunkulu, Wethembisa! Amen! Ukulungisile eKalvari, futhi ngizele ukuzokwemukela. Ukulungiselela kwaKho. Ukuhlinzekele. Futhi Wakwethembisa, futhi ngibona abanye bekwemukela, ngakho-ke ngiyeza, nami, Nkosi, ukuthola ingxenye yami yakho." Uzohamba ungumuntu ohlukile. Uzohamba nehange elinjalo emphefumulweni wakho, ukuthi akukho lutho olungakucasula. Uyazi ukuthi uphulukisiwe. Uyazi ukuthi uNkulunkulu ukulungisele le ndaba, ngoba Uthembisile.

114 Unikeza izilingo nezivivinyo ngalezi zithembiso. Yena, izikhathi eziningi, Wakwenza.

115 Futhi ake abantwana bamaHebheru bezwe sonke isisindo somlilo phezu kwabo.

116 Wenza ukuba uDaniyeli ezwe ukubhonga kwengonyama, futhi mhlawumbe nokuphefumula kwayo okushisayo kubheke kuye. Lawo mabhubesi, evule umlomo wawo, elambile, phansi kulo mgodi. Futhi amabhubesi agijimela kuye ngqo, nokubhonga okukhulu nokuqhuma, kuze kuthi ayelungele ukumbamba uDaniyeli. Khona manjalo, wayesembozwe iNgelosi. Amen! Ukukhanya kwazongolozela uDaniyeli. Akungabazeki kodwa KwakuyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli.

117 Izilwane ziyawesaba umlilo. Uyakwazi lokho. Ziyakwesaba ukukhanya. Ungakhanyisa ukukhanya kunoma yibuphi ubuso besilwane, futhi sizogijima.

118 Futhi mhlawumbe uNkulunkulu wakhanya, ngoba uNkulunkulu uhlala ekukhanyeni. UNkulunkulu unguMlilo oqothulayo. Futhi mhlawumbe, kungazelelwe, engazi, wathi, kwakuzokwenzekani. Kodwa bamphonsa emphandwini wezingonyama. Kwase kuthi-ke uMoya oNgcwele wawulapho, namabhubesi ahlehla futhi alala phansi. Kwakunjani lokho na?

119 Akumangazi, u-Agnamu oNgcwele, ngenkathi efa, ngenkathi efika esiphambanweni futhi babezombulala. Futhi wagijimela kulokho, wagona isiphambano futhi wasanga, ukuthi babezomfaka itiyela futhi bamvuthele. Futhi wathi, "O siphambano sikaKristu, ngiyaxolisa kuphela ngokuthi ngibe nokuphila okukodwa nje engingakunikela ngenxa yaKho. Uxolo nje ukuthi ngibe nokuphila okukodwa engingakunikela ngenxa yaKho."

Bathi, "Uyesaba na?"

120 Wathi, "Ukwesaba na?" Futhi bazongolozela izandla zakhe esiphambanweni, bamthela ngetiyela, base bephonsa izimpaphe kuye, babeka umgqomo wekolitayi ngaphansi. Futhi bagibela badlula, ngenqola, base bephonsa isibani esivuthayo elangabini, futhi kwakhuphuka kwamzungeza. Futhi ngemva kokuba abantu sebenze ukuthokoza kwabo futhi badlulisela amatshe abo, omunye komunye, ukuthi base beqedile ngalenkathazo, umshumayeli wokulunga, kwenzekani na? Umlilo walotha, futhi ongcwele wayelenga esiphambanweni, edumisa futhi ebusisa uNkulunkulu. UNkulunkulu wayemlungisele indlela yokuphunyuka, khona kanye phakathi komlilo. Wayeyilungisile indlela. Ngani na? Uza ngesibindi, ngesibindi.

121 Yileyo ndlela esifika ngayo ezithembisweni zikaNkulunkulu. Siza ngesibindi ukuze sibamukele. Asifiki, sithuthumela, sithi, "Mhlawumbe ngizokwenza. Mhlawumbe mina . . . NgeSonto elizayo, mhlawumbe *lokhu* kuzoba yi*lokho*." Qhabo. Siza nesiqiniseko enhliziyweni yethu, sithi, "UNkulunkulu, ngoKristu, uyilungisile indlela, futhi ngiza ukuyamukela." Kuyinto elula uma ubuka futhi ubona ukuthi isithembiso senziwa ngani, uma ubona ukuthi kwakunguNkulunkulu owenza isithembiso. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, uNkulunkulu uyakwazi ukugcina isithembiso saKhe.

122 Ngenkathi lowomama omdala owesaba uNkulunkulu, ngeSonto eledlule, elele lapho, futhi ngathi, "Mama, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosigcina isithembiso saKhe na?"

123 Wathi, "Ngenhliziyo yami yonke." O, he! Kwaba yilokho-ke. Yilokho okwakwenza.

124 Yilokho okwakwenza, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngimi eKarlsruhe, eJalimane, ngenkathi umfana wami nendoda

ethize bethumela abantu phezulu emgqeni womkhuleko. Nakho kufika intombazane encane, eyimpumputhe, yaseJalimane. Yayengaboni nhlobo. Futhi ngangingazi ukuthi kwakuyini inkinga ngomntwana. Bavele bamthumele phezulu. Into encane yayihamba isuka emsamo; othile wayibamba. Futhi wayenezinwele ezisongelene ezincane, izintambo zezinwele zilenga phansi, zilukilwe; evamile nje, encane intombazane yaseJalimane; engakaze ibone, empilweni yayo yonke. Futhi ngenkathi beyiletha ngaleya, yayingazi nje ukuthi iyephi. Futhi yangigaxa ngezingalo zayo. Empeleni, ngingqoke isudi efanayo, enginayo. Yangigaxa ngezingalo zayo ezincane. Yahhumuzela okuthile ngesiJalimane; Angazanga ukuthi kwakuyini. Umhumushi wathi . . . Ngathi, "Itheni na?"

125 Wathi, "Ithe, 'Ingabe uwena umfowethu ozongikhulekela na?'" O, he! Into encane ethi ayibe njenga*lena*, ethi ayibe njengoRebekah wami omncane.

126 Futhi ngathi, "Yebo, sithandwa. Ngivela kude le e-United States, ukuzokhulekela wena." Yabeka eyayo encane . . . yangisingatha ngezingalo zayo ezincane, yalalisa ikhanda layo elincane phezu kwehlombe lami. Isiqinisekiso nje, ubulula bomntwana, uNkulunkulu waseZulwini wayezonyakaza, ngandlela thizeni.

127 Imizuzwana embalwa, yavula amehlo ayo amancane. Yathi, "Ingabe . . . Uzibiza ngani lezo zinto na?"

"Izibani."

128 Unina wagxuma futhi wadazuluka, futhi wagijima waphuma ezicathulweni zakhe, wagijimela emsamo. Wathi, "S'thandwa!"

Yena wathi, "Mama, o, umuhle kakhulu."

129 Ngani na? IKalvari lalungiselela, lenza amalungiselelo okuphiliswa kwamehlo ayo. Impela. Ifika ekwemukeleni lokho uNkulunkulu ayekuhlinzekile.

130 UNkulunkulu uhlinzekela umuntu ngamunye. UNkulunkulu unikeza isiqiniseko. Mhlawumbe ukugula kwakho bekulokhu kungokubambezelayo. Mhlawumbe usube nakho iminyaka, futhi uzame futhi wazama. Uzamile.

131 U-Abrahama wazama. Lapho wayephezulu, eneminyaka eyikhulu ubudala, cishe, uNkulunkulu wabonakala kuye ngolunye usuku. Futhi Wathi, "Abrahama, ngingu Nkulunkulu uSomandla. Hamba phambi kwami futhi uphelele." Iminyaka eyikhulu ubudala, ngqo ekhulwini. "Hamba phambi kwaMi futhi uphelele. NginguNkulunkulu uSomandla." Futhi uma ungahlaziya lawo mazwi . . .

132 Ngesinye isikhathi, mhlawumbe, ngingathanda ukuba nemvuselelo etabernakele, noma lapha eJeffersonville, lapho sithola itende lethu nezinto zilungiswa endaweni ethile, lapho

esingawathatha khona lawo mazwi siwahlaziye, sibone ukuthi asho ukuthini, izincazelo zalawo magama nje.

133 USomandla, ngesiHeberu, ngu-*El Shaddai,* okusho ukuthi, "ibele," njengowesifazane. "Abrahama, ngiza kuwe ngeGama LonaMabele, oNcelisayo, u—uMnikezeli-kuPhila."

134 Njengengane encane uma igula, niyazi, unina uyibamba ayise ebeleni lakhe futhi uyayincelisa. Nengane encane iphatheka kabi futhi iyakhala, futhi izacile, kodwa ivele ilale lapho incele, futhi iba namandla. Lapho incelisa khona impilo yayo na? Kumama.

135 Futhi uNkulunkulu ubonakala kithi namuhla, njengo El Shaddai, OnaMabele; omabili, iTestamente eLisha neLidala, agcwele nje izithembiso njengoba engakwenza. Hhayi ibele; kodwa, "onamabele," amabili. Ngani na? Wafa ngenhloso eyinhlanganisela. Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaKhe, uNkulunkulu wahlinzeka indlela yokuphulukiswa kwethu. Niyabo? Enye yensindiso yethu; eyodwa yokuphulukiswa kwethu. "NgingonaMabele. Nginofakazi ababili. Ngemilomo yawofakazi ababili wonke amazwi awaqiniswe."

136 ETestamenteni eLidala, Wayengu*Jehova-jire*, "umnikelo weNkosi ohlinzekiwe." Wayengu*Jehova-rafa,* "iNkosi ekuphilisayo." ETestamenteni eLidala, emagameni aKhe ayinhlanganisela, Wayengumphulukisi, kaJehova-rafa.

137 ETestamenteni eLisha, UnguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ukulungiselela. Singakuthatha kokubili eTestamenteni eLidala noma eLisha, sikuhlanganise ndawonye. Kungalesosizathu, kakhulukazi, ngiya eTestamenteni eLidala, ukuyothatha indikimba, ngoba ngiyiletha eTestamenteni eLisha, futhi ngikudonsele ndawonye futhi nginibonise, nguNkulunkulu ofanayo onamabele.

138 Lona Ofanayo owaphunyula uDaniyeli ekufeni, ngokuthumela iNgelosi, nguNkulunkulu ofanayo ophakathi lapha kulokhu ukusa. NguNkulunkulu ofanayo, owanikeza impumputhe uBartimewu ukubona kwakhe, owaphulukisa leyo encane, intombazanyana yaseJalimane. Akahluleki neze. UnguNkulunkulu, uJehova. Akakwazi. Wenza ukulungiselela. Futhi Usihlinzekele ngendlela yethu sonke. Uhlinzeke ukuphunyula.

139 Futhi watshela u-Abrahama, "Mina ngiNgonaMabele. Manje, Abrahama, into kuphela ofanele uyenze ukuthi uqhubeke uncele, uncele."

140 Futhi qaphelani ingane encane, uma igula, akunandaba ukuthi igula kangakanani. Manje, komama, yazini lokhu. Noma ngabe omcinyane ugula kangakanani, inqobo nje uma esancela, wenelisekile. Futhi ngezinye izikhathi ulungisa ubisi lwakhe

oluncane, uma engase—sebhodleleni, bese ulungisa ubisi lwakhe oluncane bese ufaka amavithamini kulo.

141 O, kuthandeka kanjani! Uyazi, mhlawumbe sonke siyizingane zebhodlela zikaNkulunkulu, mhlawumbe singasho. Futhi uNkulunkulu wayesanda kuhlinzeka ngamabhodlela amabili, iTestamente eLisha neLidala, futhi Wavele waqathaza amavithamini wonke kuwo. Futhi ngenkathi sisaMbamba, siya koncela, asaneliseki kuphela, kodwa siphulukisiwe, ngaso sonke isikhathi. Sanamavithamini kamoya. Alokhu eqhubeka nokusakha esikhulisa, esenza sibe namandla, sibe namandla. Kuhle. Inekhalisiyamu yamathambo. Ya. Inenhlanganisela kavitamini B wemisipha. O, inakho konke kukho. Lonke ikhabethe lemithi kaNkulunkulu laqathazelwa kuyo. Konke kwakusebhodleleni, kwafakwa ebhodleleni, futhi Walivula eKalvari.

142 Ngakho-ke, ngeKalvari, singondla sibuyise noma yiziphi izibusiso ezihlengiwe uJesu azifela. Umkhonto, omele isono esikhundleni sethu, umkhonto ohlangothini lwaKhe, izinyawo zaKhe, izandla zaKhe, ikhanda laKhe. Futhi, ngokopha kokuphila kwaKhe, sondla sibuyele ekuPhileni, futhi, konke esalahlekelwa yikho ekwindla emuva ngaleya. UNkulunkulu usihlinzekele indlela. UNkulunkulu uhlenzeke indlela yokuphunyuka.

143 Manje, nangu u-Isaka omncane wayekhona, ngenkathi ezalwa, emva kokuba u-Abrahama esenekhulu; futhi uSara wayecishe abe nekhulu, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye. Futhi uNkulunkulu wenza u-Isaka omncane waba khona. Futhi u-Isaka omncane wazalwa. Futhi lapho ezalwa, awu, yeka ukuthi umndeni wawujabule kanjani! Benza idili ngosuku alunyulwa ngalo. U-Abrahama wamsoka emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili. Futhi nangu eseba yinsizwa manje, cishe eneminyaka eyishumi nesithupha. UNkulunkulu wathi, "Manje, Abrahama, ngifuna ukubona nje ukuthi kungakanani ukukholwa onakho ngempela. Ngizoninika ukubuyisela emuva ekuphulukiseni kwakho ngokukaNkulunkulu, ngibone ukuthi uzoNgithemba kangakanani."

144 Uyazi, ngezinye izikhathi uba nokubuyisela emuva. Wake wakwazi lokho na? Ngibe nokuningi kwakho. Yebo, bengishumayela iVangeli iminyaka; ngiphenduke ngqo, ngigula kakhulu, angazi ukuthi ngenzeni ngesinye isikhathi, kodwa ihange lami liyabamba. Amen. Vele ukugxilise okwehange ngaseKalvari, bese uthi, "Nkulunkulu! O, angikwazi ukubona iKalvari. Amagagasi ayasinda kakhulu! Abantu bami basho konke *lokhu*. Udokotela uthi angeke ngiphile. Kodwa, Into ethize phakathi *lapha*, umugqa wokuPhila usabambile." Ubambile!

145 Sewake wawubona umkhumbi onenethi yokudonsa, ulwandle. . . inetha lasolwandle, njalo? Kuzohamba kudabule emagagasini.

146 Ngesinye isikhathi singaphansi kwamagagasi; awukwazi ukubona ngakuwe, noma ndawo. Kodwa vumela nje ihange lakho libambelele lapho. Lizokugcina, njengoba ihange liqala ukubamba. Futhi ekuguleni nezinto, uNkulunkulu khona-ke ukukhipha konke kahle. Izibhakabhaka ekugcineni ziyacweba. Konke kuhamba kahle. Kubamba ngaphakathi kweveli.

147 Wathi, "Manje ngizokuvivinya, Abrahama." Wathi, "Ngifuna uthathe lomfana wakho oneminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Ngifuna umkhiphe lapha, futhi Ngifuna umbulale manje."

148 "Ngizoba kanjani ubaba wezizwe na? Kanjani, ngalomfana, ngizozala uKristu na? Futhi kuzoba njani uma ngimbulala na?" Awu, manje, uyacabanga, "Uma uNkulunkulu enza isithembiso, kukuNkulunkulu ukuba anakekele konke kwaso."

149 Ngakho-ke, uthatha umfana omncane. Wayengemtshele umama. Futhi uhamba u—uhambo lwezinsuku ezintathu emuva ukuya ehlane. Manje, indoda ingahamba cishe amamayela angamashumi amabili nanhlanu, amashumi amathathu ngosuku, ngakho-ke kufanele ukuthi wayeqhele ngamamayela ayikhulu empucukweni. Wabe-ke esebona intaba ikude. Wathi ku—kulabo ababebambe iminyuzi, wathi, "Hlalani lapha." Manje, ngifuna nikuqaphele lokhu, nina bantu enigulayo. Wathi, "Hlalani lapha ngenkathi mina nomfana siya ngaleya kuleyontaba futhi sikhonze, futhi sizobuya. Sizobuya." Kanjani i . . .

150 "Uzobuya kanjani, uma uzomenyusela lapho futhi umbulale na? Futhi uNkulunkulu wakutshela ukuthi umbulale, amazwi asobala ka 'mbulale,' futhi uzombulala, uzobuya kanjani na?" Lokho kukuNkulunkulu. O, he! Uyakubona na? Mhlawumbe yimina nje, ngozwelo kulokhukusa. Niyabo? Uzobuya kanjani na?

Kepha uNkulunkulu wathi ku-Abrahama, "Hamba ukwenze."

151 U-Abrahama wathi, "Ngamamukela njengovela kwabafileyo. Futhi uma ngimbulala, uNkulunkulu unamandla okumvusa futhi. UNkulunkulu wanikeza isithembiso sokuthi yena, ngaye, uMsindisi wayezofika, futhi ngandlela thize uNkulunkulu uzokwenza."

152 UMose. Uyise nonina kaMose kwadingeka benze into ethile ebukeka njengaleyo. Uzoba kanjani uMose, akhulule abantu, lapho bebona ukuthi wayengumntwana omuhle, uma bemphushela laphaya phakathi kwesixuku sezingwenya na? Uzoba kanjani u—umkhululi na? Uzokwenza kanjani na? Awu, bamemukela ngaleyondlela, ngakho-ke bamfuqa bamphindisela

ezingwenyeni, bazi ukuthi uNkulunkulu angakunakekela. Futhi uNkulunkulu wakunakekela.

153 UNkulunkulu ubeke isandla saKhe phezu kweBandla laKhe. UNkulunkulu ubeka isandla saKhe phezu kowesilisa waKhe, kowesifazane waKhe. UNkulunkulu uyakwazi ukunakekela isimo.

Ngakho-ke, u-Abrahama wathi, "Sizobuya."

154 Ngenkathi uphuma ekhaya namhlanje ekuseni, ngabe umtshelile umyeni, "Uma ngibuya, ngizobe ngizizwa ngihlukile"? Yebo, mnumzane.

"Uzokwazi kanjani na?"

"Angazi; kodwa ngizokwenza." O! Amen!

155 "Ngizoba ngohlukile uma ngibuya. Bheka nje futhi ubone."

"Uzokwenza kanjani na?"

"UNkulunkulu uzohlinzeka."

156 Lapho, ngenkathi leli elikhulu, ihora elibucayi lifika, futhi benyukela esiqongweni sentaba. Futhi u-Abrahama wakhipha ummese wakhe, wase ethatha umfana omncane. Wayesesho kuye lombuzo, wathi, "Baba, nazi i—izinkuni, nanti i-altare, kepha uphi umnikelo wokushiswa na?"

Wathi, "UNkulunkulu uzohlinzeka umnikelo."

157 Akusona yini isifundo kithi leso na? UNkulunkulu uzohlinzeka. Asikho isidingo sokuthi sicasuke nganoma yini. UNkulunkulu uzokuhlinzeka.

158 Ngigqolozela okuthile khona manje, kodwa kungabhidliza futhi kungimoshe. Manje, ningizwile ngingena, ngiphuma ezinkonzweni; ngahamba ngayosebenza noMfowethu Wood emuva lapho. Kodwa uNkulunkulu wehla, ubusuku obumbalwa obudlule, embonweni, futhi wangitshela futhi wangibonisa ukuthi ngenzeni. Uma nje umethemba, Uyisimangaliso. Wazi konke. Uzokunikeza okukwedlula konke okukhona.

159 Ngabuka iPontiac yami endala ngolunye usuku, yase iqala ukushaywa manje. Okuhambisa umfutho womoya ihydromatic kuyaphuma, kuyo. Futhi nginamantombazane amabili amancane agxumagxuma kakhulu, ezihlalweni, futhi acishe aphule izihlalo, aphuma kuso. Futhi ngahamba futhi ngaba nakho kulungiselelwa. Futhi indoda yathi, "Billy, ngizokutshela ngizokwenzani," wathi, "Ngizokunikeza ukushintshanisana okuhle ngalokho."

Ngathi, "Ngingakushintshanisana kanjani lokho na?" Ngathi, "Angikwazi ukukwenza."

160 Wathi, "Awu, wena. . .O, isikweletu sakho sihle lapha, inqobo nje uma usifuna. Ngizobamba inothi lakho."

Ngathi, "Kuhle kakhulu lokho, kodwa angikwazi ukukwenza."

161 Wathi, "Ngizokunikeza intengo enhle ngempela ngakho." Wathi, "Ngokuba ngumshumayeli, ngizokuthengisela okuningi."

Ngathi, "Kuhle lokho, kodwa, niyabo, a—angikwazi ukukwenza." Niyabo?

162 Futhi wathi, "Awu, uma uke wathatha umbono wokushintshanisa, ungazise."

Futhi ngathi, "Kulungile."

163 Ngakho-ke ngase ngicabanga, "Awu, Nkulunkulu, ngi... Lento endala ingilungele. Kuhle futhi kumnandi, lokho kanye nethrakhi yami endala." Ngathi, "Singashaya nxazonke, ezweni lonke, ngakho. Kulungile. Bengikwenza yonke leminyaka; Ngingaqhubeka."

164 Futhi ngobunye ubusuku, kwafika ucingo luvela eCalifornia. Futhi indoda yangibiza enhla, indoda engusozigidi. Yathi, "Mfowethu Branham, hlobo luni lwemoto onalo na?"

Futhi ngathi, "NginePontiac eneminyaka emine."

165 Yathi, "Ngomhla zingamashumi amathathu nanye kule nyanga, kuzoba nenye yamaCadillac amakhulu kunawo onke, eyenziwe, izolethwa futhi ibekwe emnyango wakho, yokusiza wena."

166 Ngathi, "Qhabo. Ungakwenzi, mfowethu. Ngiyacela." Ngathi, "Ungakwenzi." Ngathi, "Uma... Ungakwenzi." Ngathi, "Omakhelwane bami bebengeke bakuqonde lokho, nabantu. Angiyidingi i-Cadillac." Ngathi, "Thatha umehluko uwunike omunye umuntu. Futhi uma ufuna ukungisiza, ngitholele iFord, kulungile, noma iChevy," Ngasho.

167 Yathi, "Qhabo, le isivele ithengiwe, futhi ihlezi lapha." Angazi ukuthi ngizokwenzani ngayo.

168 Kodwa, niyabona ukuthi kuyini, nguNkulunkulu. UNkulunkulu, ngomusa waKhe, ehlinzeka. Ngezinye izikhathi into iba phansi ngempela, lapho esimangala khona ukuthi kuzoba kanjani, kodwa uNkulunkulu usevele uhlinzekile. Uvele ayibambe phezulu lapha, edonsa inzalo kuyo, niyabo, ukuze akunike yona.

169 Futhi ngombono, manje ngiyadiyazela ngaleya. Nakhu kufika incwadi iletha, ingena ivela ngaleya, iya endodeni, ngolunye usuku. Yathunyelwa, ithunyelwa kimi manje, yenkosi yesizwe, ngale—phesheya kwezilwandle. Futhi ngathi, "O, izimangaliso nezinto, zenzeke ezansi eJalimane!" Inkosi yaseDenmark, yathi, "Woza ngapha, Mfowethu Branham, futhi ukhonzise abantu bami, eGameni leNkosi uJesu." Futhi ngaso leso sikhathi lapho engangicabanga ukuthi

uNkulunkulu wayengihlanzile, futhi ngase ngiphelile, Ubeka entsha. Haleluya!

170 Kwase kuthi-ke, ngenkathi, ngangivame ukuthatha abantu ngokubona okufihlakeleyo, ngamunye ngamunye. Usebeke enhliziyweni yami manje into engingeke ngilokothe ngikhulume ngayo ngalesi sikhathi. Futhi angiyena umuntu oshiseka ngokweqile, futhi niyakwazi lokho; impela niyangazi kahle ngokwenele. Kodwa bhekisisani ukuthi kwenzekani manje. O, he! Kuzoba kude ngaleya. Niyabo?

171 Ngesinye isikhathi nje ebumnyameni okukwedlula konke komzuzwana, khona-ke uNkulunkulu uyangena egibele. Haleluya! Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo.

172 Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo ngowesifazane onomopho. Ihora lakhe elimnyama kunawo oke, kwabe sekufika uJesu.

173 Kwakuyihora elimnyama kunawo onke kubantwana bamaHeberu, khona-ke uNkulunkulu wagibela imimoya yesikhathi, futhi wabhula umlilo wawususa kubantwana bamaHeberu.

174 Kwakungehora lika-Abrahama elimnyama kunawo onke, ngenkathi ehosha ummese, futhi walalisa ngomhlane umfana wakhe uqobo, futhi wabuyisela ikhanda lakhe emuva; nenhliziyo yakhe emlonyeni wakhe, njengoba kwakunjalo. Indodana yakhe uqobo, futhi wadonsa ummese, ukuze anqume uqhoqhoqho wakhe, ngoba uNkulunkulu wayesho njalo. Kwakungumzuzwana omnyama kunayo yonke, lapho uNkulunkulu, uJehova, ebonakala endaweni. Wathi, "Abrahama, misa isandla sakho. Sengihlinzekile kakade."

"Wenzeni na?"

"Sengiwuhlinzekile, vele, umhlatshelo."

175 U-Abrahama wathi, "Ngizoyibiza le ndawo ngokuthi uJehova-Jireh, ngoba iNkosi inhinzekele."

176 Kwathi ngaleso sikhathi, inqama yaqala ukukhala ehlane, ibhajiwe, nezimpondo zayo zonke zibopheke kweminye imivini. Yavelaphi leyo nqama na? Ukude ngamamayela ayikhulu empucukweni. Izilwane, amabhubesi, nezimpisi, nezinto, nezimpisi amahayeni, eyayizulazula emathafeni lapho, kwakuyoyibulala. Futhi ngaphandle kwalokho, ithe ngqu phezulu esiqongweni sentaba, lapho okungekho khona amanzi, kungekho mithombo, akukho okwayo okudliwayo. Ngesikhathi esifishane, nansi lenqama ibanjwe ehlane, ngezimpondo zayo.

177 Kwakuyini na? UJehova, uNkulunkulu, wakhuluma leyonqama yaba khona. Impela, Wakwenza. Kwakungewona umbono. Wayibulala inqama. Kwaphuma igazi kuyo. Kwakuyinqama yangempela. Impela, kwakuyiyo. Negazi lachitheka kuyo. Futhi i—inqama yaba khona, umzuzu

owodwa, futhi yaphuma ngomzuzu olandelayo. Kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yokunikeza isibusiso kumntwana waKhe owayeMethembile kwaze kwaba sekugcineni kwendlela.

178 UNkulunkulu unamandla okwenza, ngalomzuzu, ukukhuluma wonke umdlavuza uphuma kulesi sakhiwo, avule onke amehlo aphuphuthekile, ubengakhulula wonke umuntu, abaMkholwayo. UNkulunkulu uhlinzeke indlela. Wenze indlela. Wathumela iNdodana yaKhe, uKristu Jesu, futhi uMoya oNgcwele uyasifukamela namuhla. UMoya oNgcwele uphezu kwethu. Uyasibusisa. Uletha isimo sendawo.

179 Kungani ungathatha iqanda lesikhukhukazi futhi ulibeke endlini yokufukamela na? Isikhukhukazi esingumama akudingekile ukuba sibe phezu kweqanda, ukulichamusela. Ukuze nje ibe nokufudumala phezu kwalo, lizochamusela.

180 O, Nkulunkulu, Wathumela iZwi laKhe. Futhi yilokho engizama ukuninika khona, iZwi laKhe, isithembiso saKhe. Wasilungiselela eKalvari. Walungiselela umhlatshelo wokuphiliswa kwakho kulokhu ukusa. UnaWo lapha. Futhi UyaWuqapha. Futhi uyaWuthola enhliziyweni yakho, noMoya oNgcwele uWufukamele. Kuyothatha ukuPhila futhi kuveze khona impela lokho uNkulunkulu athi Kuyokuveza. Lonke iZwi liyoveza khona impela nje Elakwethembisa, ngoba uNkulunkulu uLihlinzekile.

181 Bheka ukulungiselela. Lapho umuntu elungiselela ukubeka okwabo. . . ukubeka izinkukhu zabo nezinto, ukuthi bakhetha kanjani amaqanda abo futhi bawabeke phansi kwesifukamelisi, bawabeke endlini yokufukamelisa, nokuthi ukushisa kulawulwa kanjani. Lokho kushisa kugcinwa phezu kwalelo qanda kuze kube yilapho lichanyuselwa.

182 Futhi uNkulunkulu ubeke ngohlelo, ukuthi ngelinye ilanga. . . Ngazo zonke izinhlobo, emuva ngo-Adamu, ngo-Eva, kwehle njalo ngabaprofethi, kwehle ngo-Abrahama, Wahlela. Wakufaka konke eTestamenteni eLidala, ekhombisa ukuthi Wayezokwenzani.

183 Futhi Wakuqeda eKalvari, ngenkathi Ethuma uJesu, "Owalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; walinyazwa ngenxa yobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu phezu kwaKhe; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Wakuqeda eKalvari.

184 Wase-ke Egcoba abashumayeli wase eLithumela, manje, ukuletha iZwi, futhi abeke amaqanda endaweni yokuma efanele, indawo. Khona-ke Uthatha leliZwi elifanayo futhi ALigxilise okwehange phandle lapho, bese-ke efika futhi eLifukamela, ngoMoya oNgcwele, kuze leloZwi libe ukuPhila enhliziyweni yomuntu, futhi bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazanga ukuvimba ukuPhila kuphume kulo. Yebo, mnumzane. Qhabo, qhabo.

185 Noma ngabe iqanda liyini! Uma kuyiqanda ledada, lizoletha idada. Uma kuyinkukhu, lizoletha inkukhu. Uma kuyinyoni, lizoletha inyoni.

186 Uma uNkulunkulu athembisa insindiso, Yifake enhliziyweni yakho. UMoya oNgcwele uzoKufukamela kuze kufike ekuPhileni. Uma Ethembisa ukuphulukisa, Kufake enhliziyweni yakho. Kuyindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

187 Wathumela izibonakaliso nezimangaliso. Wathi, "Ngezinsuku zokugcina, kuyakwenzeka, kwasho uNkulunkulu. O, ngiyothumela uMoya waMi oNgcwele emhlabeni. Futhi ngizothumela abefundisi. Futhi izibonakaliso ezinkulu nezimanga ziyokwenzeka. NgeGama laMi bayokhipha imimoya emibi. Futhi bayokhuluma ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, bekungeke kubalimaze. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

188 Futhi iBhayibheli lathi, "Ngalolusuku lokugcina, kuyofika imvula yakuqala neyamuva, ndawonye." Futhi, namuhla, ezizweni zonke, kusukela kulabo. . . empumalanga kuye entshonalanga, kusukela enyakatho kuya eningizimu, kuyinto eyodwa engaguquki, imvuselelo enkulu yokuphilisa ngokukaNkulunkulu, aMandla kaNkulunkulu. Futhi umuntu ophonswe phansi, umuntu othile ocoshiwe. . . UNkulunkulu wazama ukuKungenisa kulamabandla amakhulu, futhi akakwazanga ukuthola indawo. BaLenqaba futhi bathi kwakungeke kwenziwe, ngenkathi kwakucatshangwa, lapha eminyakeni embalwa edlule.

189 Kodwa uNkulunkulu wafinyelela phansi endleleni yokuphila ephansi, abathobekile, abantu abantulayo, abaphakamise, abangafundile. Kungani uNkulunkulu akwenza na? O, ukuba bekufike emabandleni amakhulu nezinto, bebeyoba nokuthile abangakhazimulisa ngakho. "Amaqembu ethu—ethu ahlangana ndawonye. Sinqume lokhu." Kodwa uNkulunkulu wehlela kwabesilisa nabesifazane abangakwazi ukufunda amagama abo uqobo ngesinye isikhathi. UNkulunkulu uthatha okungelutho, futhi Enze okuwutho ngakho, futhi bazinikela. Futhi uNkulunkulu wathatha amadoda alolohlobo, ubavusele ezweni. Futhi, namhlanje, ukubhonga kwesibusiso, ngisho kodokotela baze bakufake emaphepheni, lokho kuphilisa ngokukaNkulunkulu kuyiqiniso. Bafanele bakuqonde. Kuphambi kobuso babo. Haleluya!

190 Siphila osukwini lokuFika kweNkosi. Ubusuku kuhwalala ngokushesha. Abefundisi bayajuluka babemanzi te, bekhulekisisa; UNkulunkulu ekhombisa izibonakaliso nezimanga. Kodwa kukhona isiphepho esizayo. O, Yena, Yena uyeza. Kukhona isiphepho esiqhubekayo, nesikhathi esikhulu semvuselelo; isikhathi lelizwe elingakaze lisibona, isikhathi esinjengaso esidlula njengamanje. Akukaze kube

khona isikhathi emlandweni wezwe, nganoma yimuphi unyaka noma yisiphi isikhathi, lapho iVangeli laMandla kaNkulunkulu lake labonakaliswa njengoba Linjalo njengamanje; ngomsakazo, ngethelevishini, ngabefundisi abathembekile; ezinkundleni zemishini, kumaLawu, kwabase-Afrika, futhi, ukungena eShayina, ukungena ezindaweni ezahlukene. Izimvuselelo ezinkulu zokuphulukisa, namandla, nemisebenzi, nezibonakaliso, nezimanga, kuza yonke indawo. Akukaze kube khona, emhlabeni wonke, okunjengakho! Bangane, uNkulunkulu ukuhlinzekile. UNkulunkulu ukukhulumile. UNkulunkulu uyakwenza.

191 UNkulunkulu ulapha kulokhu ukusa. Ukuhlinzekele lokhukusa. Lolusuku usuku lwakho. Lesi sikhathi yisikhathi sakho. Uma uzimisele futhi ulungele, kulokhu ukusa, uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho! Uma uzothembisa uNkulunkulu, "Nkulunkulu, ngi—ngeke ngisaphinde ngibe ngikilatelane nakho. Ngiza ngingedwa . . . Kukhona okwenzekayo enhliziyweni yami. Kukhona into encane eyenzekile lapha namhlanje ekuseni. Ngenkathi sisashumayela futhi siletha iZwi, lengxenye yalo yayisho mina." Lapho ngibona i . . .

192 "Wabiza lezozinto, ezazingekho, njengokungathi zazikhona." U-Abrahama wahamba, wathi, "Sizoba nga*le*ndlela. Kuzoba nga*le*ndlela. Sizoba nengane."

"Uzoba nayo kanjani na?" I . . .

193 "Umkami usekhulile kakhulu. Udokotela uthi akunakwenzeka. Awu, ngi . . . Sizoba nayo, ngoba uNkulunkulu usho njalo." Futhi ngenkathi ehlangana nomzuzu wokugcina obucayi wakho, phezulu lapho, wayibiza indawo ngokuthi, *Jehova-jire,* "iNkosi izoZihlinzekela lomhlatshelo."

194 Abanye benu basuka ebangeni elikude, bangene lapha, befa. Izingcingo zenu zibhalwe phezulu lapho oqwembeni eluncane, incwadi encane, endlini. Okunye kwakho kunomdlavuza. Abanye, izimpumputhe; abanye, izithulu; abanye, izimungulu; abanye, obaba abanezingane ezincane; nomama, kanjalonjalo, nabantwana abancane, lokho kukuzo zonke izinhlobo zezimo. Kwenzenjani na? Yini eyabangela ukuba ukwenze na? Yini eyenza imizwa yesidalwa esingumuntu sibe njalo na? Waze wayenza kanjani into enjalo na?

195 "O, saba nabo esibhedlela. Sasinabo yonke indawo."

196 Kodwa kungani nizilethe lapha, ngalesi sikhathi na? Ngoba Okuthile enhliziyweni yakho kuqala ukunyakaza. Kuyini na? UNkulunkulu, enza indlela. UNkulunkulu, elungiselela. Amalungiselelo kaNkulunkulu. UNkulunkulu uzohlinzeka indlela.

197 Abaningi benu bezwa indaba encane yenyamazane i-opossum. Yayisezincwadini, lapha kungekudala. Uma

uNkulunkulu wayenake ngokwanele inyamazane i-opossum empofu, engazi; hhayi lokho kuphela, kodwa ngezinye izikhathi kwakuyizilwane engizaziyo. Wena uthi, "Ungazinika isikhathi sokukhulekela isilwane na?" Uma uNkulunkulu esithumele, yebo, impela. UNkulunkulu unguJehova. Usebenza nje ngendlela yaKhe uQobo, futhi siyaMkhonza nje. Siyizinceku zaKhe.

198 Futhi manje, mfowethu, dadewethu, uNkulunkulu ukuhlinzekele indlela ephelele yokuphiliswa kwakho kulokhu ukusa.

199 Bewazi yini ukuthi ngacishe ngaba yimpumputhe, kanye na? Kwadingeka ngiholwe ngezingalo zami. Ngangigqoka ezinkulu, izibuko ezinkulu eziwugqinsi emehlweni ami. Futhi ikhanda lami lalinyakaza *kanje*, futhi angikwazanga ngisho nokugunda izinwele ngaphandle kokuthi kube khona obamba ikhanda lami. UFred Montgomery, ezansi lapha kuSixth Street, kinina bantu one. . . Abaningi benu bayamazi uFred Montgomery, umgundi wezinwele ezansi lapha. Kukangaki ukuthi ngabeka izibuko zami phansi; UFred ubamba ikhanda lami ngesandla esisodwa, ezama ukugunda izinwele zami ngesinye; linyakaza kanjalo. Angizange ngibone ukuhambahamba. Ngangehla ngesitaladi saseLouisville, ngezinye izikhathi ngiba yimpumputhe kakhulu, ngiyovele ngilandele indlela yami eceleni kothango, *kanje*. Futhi ngangima futhi ngilinde isikhashana, ukuze amehlo ami akhanye bha; olusizi olwethusayo.

O, umusa omangalisayo! Namuhla, yeka ukuthi Ukhazimula kanjani kimi!

200 Ngiyazi ngenkathi abakwaMayo Brothers phezulu lapho wathi, "Ngani, Mnu. Branham, ungeke waphila." Wathi, "Ngani, akunakwenzeka ukuthi uthole . . . ukuze udlule kulokho." Wathi, "I—i . . . Awukwazi nje." Wathi, "Lokho ngukuthi, lokho lapho, kusebenza emphefumulweni wakho." Futhi wathi, "Akekho umuntu ongathola ukusebenza kwamandla ageleza emthanjeni, okungumphefumulo wakho, futhi uyadala engqondweni yakho." Wathi, "Akunakwenzeka." Wathi, "Sinezinkulungwane zalolo daba oluza lapha." Wathi, "Ayikho into esingabenzela yona." Wathi, "Uphelelwe ithemba, mnumzane. Ngiyakuzonda ukukutshela lokho." O, he!

Lapho ngiphuma, ngathi, "Inkonzo yami isiphelile."

201 Khona-ke uJesu wafika ngombono, wathi, "Ungakhathazeki. Nginawe. Nginawe."

202 Wathi, "Ukube ubuphila, ubungaba yinto encane nje ende ezacile engaba yikhulu neshumi, amaphawondi ayishumi nanhlanu, cishe njengoba unjalo manje, mhlawumbe amashumi amabili."

203 Futhi ngilapha, kulokhu ukusa, ikhulu namashumi ayisikhombisa, ngizizwa ngikahle. Kuyini na? UJesu Kristu

iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, wenza amalungiselelo ngaleya eKalvari, futhi ngawemukela. Kungani Akwenza na? Hhayi ngenxa yami, kodwa ngenxa yokuthi ngingakutshela, kulokhu ukusa, futhi ungamukela into efanayo futhi utshele omunye umuntu ngakho. Kumane kuqhubeka nje. Futhi yileyondlela Anayo yokulungiselela indlela, ukusabalalisa iVangeli laKhe. Uyakukholwa, namuhla na? UNkulunkulu uhlinzekile.

Singakhuleka, umzuzwana nje manje, namakhanda ethu ekhotheme.

204 Futhi uma udade, umshayi wopiyano, uma ezoza lapha umzuzwana nje. Ngifuna uqale indlela kancane.

> INyanga enkulu manje iseduze,
> UJesu onozwelo,
> Ukhuluma ezinhliziyweni eziyethile ukuba zithokoze,
> Alikho elinye igama kepha elikaJesu.

205 Manje wena olapha, ongaphandle kukaKristu, futhi awuMazi njengoMsindisi womuntu siqu, awukaze wemukele. Kukhona into ethize enye kulokhu ukusa, bekukhona oKuthize enhliziyweni yakho. Ngenkathi wonke amakhanda ekhotheme. Okuthile, okuhambahamba enhliziyweni yakho, kuthi, "Uyazi, Kukhona okuvele kungitshele, Kungcono ngi—ngizilungiselele. LoloSuku olukhulu luyeza maduze nje, futhi ngi—ngifanele ngime. Futhi manje, Nkosi, hhayi kuMfowethu Branham, kodwa kuWe, ngizophakamisa isandla sami, futhi ngithi, 'Nge...Uma Uzongisiza, kusukela namuhla ngi—ngizo—ngi—ngizoKukhonza, kusukela kulolusuku.'"

206 Ingabe ukhona umuntu ongakwenza lokho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngomusa kaNkulunkulu, kusukela kulolusuku, ngizokhonza uNkulunkulu." Othile osesakhiweni, engingamazi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Kuhle lokho. "Kusukela namuhla kuqhubeke, ngifuna ukwenza impilo yami ibheke eNkosini."

207 "NgingumKristu, sengimemukele kakade uKristu, kodwa ngizwa sengathi ngifuna ukuba ngumKristu ongcono manje. Ngifuna ukuphakamisa isandla sami ngithi, 'Nkulunkulu, ngalokhu ngiyafuna...'" UNkulunkulu akubusise. O, kuyamangalisa lokho. Kuyamangalisa lokho. UNkulunkulu abe nawe.

208 Manje bangaki, amakhanda enu ekhotheme, abagulayo na? Ithi, "Nkulunkulu othandekayo, manje, ngizoKwemukela khona manje. Ngi—ngine...Nginesimila. Nginomdlavuza. Nginomntwana ogulayo lapha. Ngine..." Noma ngabe yini, kungakhathaleki ukuthi yini engalungile. "Nginento ethile engalungile. Uyakwazi. Futhi khona manje ngemukela leliZwi, iZwi laKho, njengoba nje bengiza ngokukholwa ukuba

ngisindiswe. Ngiyakholwa, enhliziyweni yami. Ngiyakholwa ngempela, Nkulunkulu, ukuthi, khona manje iZwi laKho ligxilise okwehange enhliziyweni yami futhi ngizosinda. Angazi, angizange ngikucabange esikhathini esidlule, kodwa ngi—nje ngi—nje ngikukholiwe khona manje. Ngizophila khona manje. Ngizophakamisa isandla sami, ukwazisa Wena ukuthi ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Ngizophila." Ungasiphakamisa isandla sakho, wena ogulayo na? O, he!

209 Bheka nje izandla, Baba waseZulwini othandekayo! Uyasibona isandla sabo.

210 Kufana nje nokuphenduka. Manje, uma babephendukile, Nkosi, futhi bebephakamise izandla zabo ngenxa yensindiso, sasizobakhuphulela lapha echibini futhi sibabhaphathize; lokho kuyinto yethu elandelayo. UPetru wathi, "Phendukani, nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Manje, yilokho ebesizokwenza, Nkosi.

211 Manje laba bonke baphakamise izandla zabo, futhi bathi, bakholwa ukuthi Utshalile enhliziyweni yabo. Babonile ukuthi Ulungiselele ukuphiliswa kwabo, kakade. Futhi bakulungele ukuwemukela, futhi bayakwemukela enhliziyweni yabo. Futhi, Baba, kunento eyodwa esisalele ukuba siyenze, lokho ngukuthi, ukubakhuphula futhi sibakhulekele umkhuleko wokukholwa. Beka izandla phezu kwabo, Wena wathi, "Bayosinda." Akukho okungakuvimba kukho.

212 Futhi, Baba, siyakholwa, ukuthi ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi Uzosithumelela umhlangano wokuphilisa manje ozoba yinkazimulo nje. Sebevele bakwamukele. Sizobonga. SizoKunika udumo. Futhi sizonika yonke inkazimulo kuWe. Sizotshela abanye. Sizoya emakhaya ethu, sifakaze. Abanye lapha befa, benomdlavuza; abanye lapha ongaboni, ukuhambahamba; abanye abakwazi ukuhamba. O, bakuzo zonke izinhlobo zezimo, Nkosi. Kodwa, Wena ulapha ukuze wenze yonke indlela egwegile iqonde. Wena ulapha ukuze ukhiphe yonke inhlekelele futhi ufake inkazimulo.

213 Nkosi, bayazithulula, futhi ngiyazithulula. Sigcwalise, Nkosi, ngoMoya oNgcwele. Sigcwalise ngesibusiso saKho, ukuze lolu kube usuku olusha. Kwangathi Ungangena esithandweni somlilo ngalesi sikhathi nje, uphephethe onke amagagasi kubantwana baKho, ubakhulule ngokuphepha. Siphe khona, Nkosi, ngokulungiselela kwaKho kukaJesu Kristu eKalvari. Sikucela eGameni laKhe. Amen.

INyanga enkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo,
Ukhuluma enhliziyweni eyethileyo ukuba ithokoze,
O, yizwani iPhimbo likaJesu.

214 Bangane, ngenkathi besadlala, futhi lomculo uyaphuma.

215 Manje, lesi yisikhathi esihle sempilo yami. Lesi yisikhathi esihle kimi. Ngizizwa ngizethemba nje, futhi njengoba ngiqinisekisiwe enhliziyweni yami, ukuthi uNkulunkulu uzophilisa abantu kulokhu ukusa, njengoba ngimi khona lapha kulomsamo. Ngiyakukholwa nje. Futhi lokhu kungenza ngizizwe . . . Ngempela, ngiyakutshela, ngicabanga ukuthi sekuvele kwenziwe. Into kuphela, ngivele ngihambe ngibabeke izandla, ngoba Wathi kwenzeni kanjalo; njengombhaphathizo wamanzi noma yini enye.

216 Manje nakhu okunginika ukuzethembe. Ngiza nalolu hlobo lokuzethemba kuwe. Niyabo? Ngiyazi ukuthi Wangithuma ukwenza lokhu. Ngi—ngi . . . NeBhayibheli lami phezu kwenhliziyo yami, futhi uma ngingasoze ngaphila ukungena emnyango lapho, Ngiyazi Ungithumile ukuthi ngikhulekele abantu baKhe. Ngiyakwazi lokho. Ngeke ngikwazi ukuphilisa abantu baKhe, ngokuba Usevele ukwenzile lokho; lokho sekuhlinzekiwe. Kodwa Wangithuma ukuthi ngikhulekele abantu baKhe futhi ngibakhuthaze ukuthi bakholwe lokho.

217 Manje ake ngikubonise ukuthi kulungile noma qha. Niyabo? Ake siqale sithathe indlela kaNkulunkulu ngakho. Ake sibheke emhlabeni wonke, ukuthi mangaki amashumi ezinkulungwane zabakhubazekile, izimpumputhe, izinyonga, izishosha, abagitshelwe umdlavuza, nakho konke, osekuphulukisiwe. Manje, lokho kuqala. Emva kokuba iZwi laKhe lithe Uyokwenza, khona-ke nangu Efika futhi ekufakazisa.

218 Into elandelayo, kunabantu abahlezi khona lapha, abaphulukisiwe, ngokusobala. Niyabo? Lokho okulandelayo.

219 Bese-ke sibheka futhi, ngaleso sikhathi, seminyaka edlule. Kunabambalwa abasele lapha etabernakele, mhlawumbe, kulokhu ukusa. Abanye babo abezi uma sizoba nenkonzo yokuphulukisa, ngenxa yezixuku ezingena zicindezela kanje. Kodwa, bheka. Khona lapha, khona lapha eJeffersonville, kinina bangaphandle, yilapho lokho kuKhanya, leyoNkanyezi yoKusa, yavela kuqala. Khona lapha kwenzekile, kulomsamo, izikhathi eziningi, khona lapha.

220 Kusobala, abantu babecabanga ukuthi Kwakungukuhlanya, kodwa izwe lesayense lisithathile isithombe saYo futhi lithi, “Kuyiqiniso.” Khona-ke, nginitshele iqiniso. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi manje konke sekuphelile . . .

221 Manje basithathile eJalimane, lapha maduze nje. Nizibonile zonke izithombe zalokho. Ikhamera enkulu yaseJalimane yayifuna ukubona ukuthi babengaSithatha yini, ngakho-ke beza, bamisa isithombe. Ngenkathi Yehla, futhi iqala ukugingqa lento enkulu lapha futhi bathathe lesosithombe, futhi lapho kwaYikhombisa yehla ivela eZulwini.

222 Lapho kufika ukuphefumulelwa; kwakhombisa ukuthi ubani owayemi lapho, kwamtshela ngalokho ayeyikho, nokuthi kwakwenzekeni, ukuthi wayehola kanjani isigejane samakhomanisi, kanjalonjalo. Kwathi, "Awuyena umJalimane, noma kanjani. UngumNtaliyane." Kwamtshela lokho.

223 Futhi bona, lowomJalimane lapho, ethatha isithombe sakhe kanje, futhi waqhafaza, bese ephendula ikhamera yakhe eyirola, eYiqhafaza kanjalo. Futhi nansi Iphuma; eYikhombisa yehla, ekhombisa ngenkathi Yayisekugcobeni, futhi eYikhombisa isuka, iphuma esakhiweni. Kunjalo. Ubufakazi, yiqiniso. Niyabo? Kwenzelwe ini na? Okwakho, okwakho.

224 Futhi, cabangani, ezansi ezweni lezilwane, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza kanjani, nobulula. Ungamcabanga umuntu othile...Abantu abaningi bayakuhleka lokho. AmaKristu awakwenzi. Kodwa ngabe uyazi ukuthi uNkulunkulu uyazi yonke imizwilili ekhona na? Uyazi ukuthi Unalo lonke uphaphe lubaliwe ephikweni layo na? Wazi konke ngawo. Wathi, "Akukho nowodwa ongawela phansi emhlabeni uBaba engazi ngawo." Yena uyazi ukuthi zonke izilwane ezincane zikuphi. Wazi yonke ingxenye encane ngawe. Wazi konke ngakho. Futhi ngokwenza lokho, niyabo, nokungiqinisekisa...

225 Futhi isivalo sakho konke, iza ngobunye ubusuku, ngenkathi Engikhombisa, ngimi lapho eceleni kwalelichibi. Angisoze ngakukhohlwa.

226 Nizokubona emaphepheni. Ngizonitholela khona lapha. Nizokubona kwi *The Voice of Healing,* amanye amaphephabhuku.

227 Ukuthi ngikubone kanjani lokho, ngalowo mdonso owodwa, futhi Wathi, "Kungalesosikhathi lapho wawazi khona izifo zabantu, lapho bona...ngezandla zabo."

228 Futhi khona-ke umdonso wesibili. Wathi, "Kungani ukudonse kanzima kangaka na? Kungani uzame ukuchaza konke lokho na?" Wathi, "Niyabo, usanda kubamba inhlanzi, kodwa yayincane."

229 Wathi, "Manje faka ukuheha kwakho, okwamanje." Wathi, "Setha ihuku lakho." Ngakubona lokho kuKhanya kuhamba, kuphuma kanjalo, kwathi, "Ngizohlangana nawe." O, he! Ngiyakwazi. Ngiyakwazi nje. Lapho ngi...Ngaphezu kwengikwaziyo ngi...ngi—ngiyazi ukuthi ngiyaphila, ngimi kuleli pulpiti kulokhu ukusa, ngiyakwazi.

230 Susa ukukholwa kwakho kusukela phezulu *lapha* manje, futhi ukubeke phansi *lapha*, uthi, "Nkulunkulu othandekayo, ngiyeza, ngikwazi, futhi. Ngiza ngikwazi. Ngiza kuWe, futhi ngizophiliswa kulokhu ukusa." Njengomuntu, ngingakukhulekela.

Wena uthi, "Ngabe umkhuleko wenza okuthile na? Ngabe—ngabe umkhuleko uzosiza na?"

231 Impela, yilokho esifanele sikwenze. Umkhuleko . . . Umkhuleko ushintsha izinto. "Umkhuleko wokukholwa usindisa abagulayo." Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Abanye babekwe eBandleni ukuze bakhulekele abagulayo. Abanye babekwe eBandleni ukuba baprofethe. Abanye babekwe eBandleni ukuba bashumayele, abanye bafundise. Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Impela. Simiselwe lezi zinto.

232 Ngakho-ke, ngangazi ukuthi ngalethwa emhlabeni ukuze ngikhulekele abagulayo. Angikwazanga ukukhulekela bonke abantwana bakaNkulunkulu abagulayo, ngenkathi ngiqala ukuphuma emuva lapho, lapho yonke into yayifile, futhi eminyakeni embalwa edlule. Kodwa, uNkulunkulu wavusa enkonzweni, u-Oral Roberts futhi, o, amakhulu abanye, nxazonke. Bangena e-Afrika, lapho babenemvuselelo enkulu. Baya kwamanye amazwe, lapho baba nemvuselelo enkulu. Abantu bakaNkulunkulu yonke indawo, besebenza ndawonye, hhayi ngokumelene nomunye nomunye. Bonke ndawonye, okobumbano olulodwa olukhulu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, ezama ukwenza abantwana baKhe baphile, nokubakhombisa iNkazimulo yeNkosi uJesu Kristu. NgokweZwi laKhe, Ukuthembisile.

233 Babevame ukuzama ukusihlasela futhi baphikisane nathi, abashumayeli ababengakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Awusezwa okuningi ngakho. Uyakuzwa na? Kunjalo. Kwavele kwabadalula futhi kwakhombisa ukuthi bazi kangakanani ngomBhalo. Bese kuthi-ke uNkulunkulu uyafika nje futhi waqinisekisa umsebenzi, nezibonakaliso zilandela, nalokho nje kuyakuxazulula.

234 Manje, bangaki abalapha namuhla, abantu abangaphandle kwedolobha, abangaphandle kwesifunda ndawo ndawo, ufuna ukukhulekelwa, ungasiphakamisa isandla sakho. Asibavumele beze kuqala, abahlobo abavela ngaphandle kwesifunda, bese-ke, abahlobo abangaphandle kwedolobha; bese kuthi-ke a—abahlobo, ngokulandelayo, abavela lapha ekhaya.

235 Manje, abahlobo bangaphandle kwesifunda wozani kuqala, e-altare. Asinayo indawo eningi lapha. Kodwa ngikholwa ukuthi uma nje ubungathi, njengalomfowethu lapha, ukuthi ukushaya umugqa, kanjalo ngqo nje. Abangaphandle kwesifunda, futhi-ke sizozama ukuthola labo. Futhi-ke sizo, ngokulandelayo, sizo—sizophuma . . . ngaphandle kwedolobha, bese-ke olandelayo ngababafo basedolobheni. Shayani umugqa ngomkhuleko. Manje . . .

Manje, *Kholwa Kuphela.*

236 Manje baningi abamile. Abanye benu, kusobala, bayeza, mhlawumbe, mhlawumbe ukubona ukuthi iNkosi yethu izokwenzani. Bhekisisani futhi nibone ukuthi Wenzani. Asesabi. Siyazi ukuthi Uzokwenzani. Uzokwenza leloZwi libe yiqiniso njengoba Lingaba yikho. Yebo, mnumzane. Uzobona Azokwenza. Uyophulukisa abagulayo nabahluphekile. Uzobaphilisa, ngamandla aKhe nangenkazimulo yaKhe.

237 Manje ngizonicela uma nizongenzela okuthile. Okokuqala, ngifuna nonke nibe nesiqiniseko esigcwele, ukukholwa, okholwa ukuthi uNkulunkulu uzobaphilisa lababantu abagulayo ngakulomugqa.

238 Manje, bangaphandle kwesifunda. Abasibo abase-Indiana. Bavela kwesinye isifunda. Siyajabula ukuba nabo lapha, kulokhu ukusa, ukukholwa kwabo kuNkulunkulu.

239 Manje, bangaki kini okholwayo ukuthi uNkulunkulu uzobenza . . . Nina bantu abasesifundeni manje, okholwa ukuthi uNkulunkulu uzobaphilisa, phakamisani izandla zenu. Thanini, "Ngiyakukholwa, sikukholwa ngenhliziyo yethu yonke."

Manje silapha ukuzonisiza, bangane abathandekayo.

240 [Omunye uthi kuMfowethu Branham, "Mfowethu, iwumqansa kanjalo, futhi akakwazi ukumyisa emsamo."—Umhl.] Ngizomkhulekela. Ngizokwehlela kuye, khona-ke.

241 Kulungile. Ngifuna nina bantu abathandekayo lapha, abavela ngaphandle—abavela ngaphandle kwesifunda, ukukholwa lokhu manje. Ngifuna nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu, ukuthi mina . . . Ukuthi uJesu Kristu ungukulungiselela kukaNkulunkulu ngokuphulukiswa kwenu, ukuthi uNkulunkulu waletha uJesu emhlabeni ngokuphulukiswa kwenu.

242 Manje, khumbulani, akukho lutho phakathi kwami, ebengingalwenza ukuniphulukisa. Kodwa into kuphela engiyenzayo, ngilandela umyalo uNkulunkulu anginike wona, ukuba ngiwenze. Futhi yazi . . . Niyizwile imihlangano, yokuthi nje konke kwenzeke kanjani. Kusobala, Uzokwenza lokho. Uzokwenzela wena kulokhu ukusa, futhi ungabuyela esifundeni sakho uqobo osithandayo, uthokoza nje futhi utshela abantu izinto ezinhle uNkulunkulu azenzile.

243 Manje, izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa, izimungulu ziyakhuluma, lezozinto zisemandleni kaNkulunkulu nje ukukwenza. Manje ngifuna nonke nikholwe ngenhliziyo yenu yonke. Manje, into kuphela engizoyenza, ngizokhuleka futhi ngibeke izandla phezu kwenu, ngikhuleke umkhuleko wokukholwa. Futhi nifanele nikwemukele phezu kwalezozisekelo, zeGazi elichithiwe likaJesu Kristu, futhi uNkulunkulu uzokwenzela konke okunye. Uyakukholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho na?

Usukulungele ukukwemukela. Kukholwe phansi enhliziyweni yakho. IZwi, kuqala, lisenhliziyweni yakho, ukulenza. Kulungile.

244 Manje ngifuna wonke umuntu athule ngempela, noma nje uthi ukuhamisha, noma yini enifuna ukuyenza, sisakhuleka ngokwebandla. Bese-ke, ngamunye ngamunye, noMfowethu Neville uzobagcoba ngamafutha, njengoba beza kimi ukuzokhulekelwa. Kulungile.

245 Manje ake sikhothamise amakhanda ethu, yonke indawo. Futhi njalo emizuzwini embalwa sizokuphakamisa ikhanda lakho.

246 Manje, Baba waseZulwini, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngoJesu. Futhi nakhu kumi, kulomugqa lapha kulokhu ukusa, izifo ezehlukene. Uyazazi ukuthi ziyini; angizazi. Kodwa, ngokwazi kwami konke, Nkosi, ngizamile ukubatshela ukuthi Wena usuvele ubahlinzeke ngokuphulukiswa kwabo. Abanye babo bangahle nje babe yizinsuku ezimbalwa nje ekufeni. Kodwa, Baba, umkhuleko uguqula izinto. UHezekiya wakhuleka, emva kokuba (uNkulunkulu) Uthumele umprofethi waKho phezulu lapho futhi wamtshela ukuthi wayezokufa; kodwa wakhuleka, futhi Wayisindisa impilo yakhe.

247 Manje, Nkosi, ngikhuleka ngayo yonke inhliziyo yami, ngalababantu, ukuthi Uzosindisa impilo yabo, ngenjongo eyodwa, Nkosi, ngenxa yenkazimulo yaKho, ukuthi bazotshela abanye, nabanye bangahle batshele abanye. USuku lweNkosi selusondele, futhi sifanele sisheshe. Futhi siyazi ukuthi leliVangeli lifanele lishunyayelwe yonke indawo.

248 Futhi sisize, namuhla, manje. Futhi ugcobe izinceku zaKho lapha. Gcoba lesi sakhiwo ngokusha nangokujulile manje. Kwangathi leyoNgelosi enkulu kaNkulunkulu ingangena manje ngamandla amakhulu. Yehla ngemigqa, ingabonakali, nokho wazi ukuthi Yena ulapha. Futhi ngikhulekela ukuthi Wena uzophilisa wonke umuntu, ngeGama likaJesu Kristu.

249 Manje amakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu, kancane manje, Kholwa kuphela, kancane ngempela, ngenkathi thina . . . UMfowethu Neville ugcoba abagulayo, futhi baletha kimi. "O- . . ."

[Omunye ukhuluma buthule noMfowethu Branham—Umhl.]

250 Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje. Nansi indoda engingizayo, enamalimu. Futhi ifuna ukushumayela iZwi likaNkulunkulu. Ifuna ukukhululwa ukuze ishumayele iZwi likaNkulunkulu. Ngifuna nibe nenhlonipho yokuzithoba, futhi nikholwe ukuthi uNkulunkulu uzosusa lomoya wokungingiza kulendoda, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

251 Manje, Baba wethu waseZulwini, emi lapha kuleli elincane, itabernakele elidala elakhiwe ngokungcolile, nokho, yazi ukuthi

iNkazimulo yeShekina kaNkulunkulu Owayehlala ngaphansi kwamaphiko abophene amaKherubi umi ekhona manje. Futhi njengoba imiphefumulo yethu ingadedela izinto ezingcolile zezwe ezingena eBukhoneni baKhe, futhi singazizwela futhi sazi ukuthi Yena umi lapha, siza ngesibindi, sazi ukuthi siyokwenza . . . sazi lokhu, ukuthi besingafa uma bekungengenxa yenkazimulo kaKristu manje, kodwa iGazi laKhe elachitheka lenza indlela. Besingafika, khona-ke, ngesibindi sikhuphukele esiHlalweni saKho sobukhosi, phansi kwamaphiko abophene esiphambano.

252 Nkulunkulu, lendoda lapha, ebukeka kahle, enkulu, indoda ebukeka iyisidlakela emi lapha, ifuna ukushumayela iVangeli. Yeka into ekhazimulayo! Futhi nokho, uSathane umnike iphimbo elingingizayo, elinamalimu. Kodwa ufuna linyakaze, namhlanje, ukuze akwazi ukushumayela iVangeli. O Nkulunkulu waPhakade, siyazi ukuthi Wena uye wasebenzisa, ezikhathini ezedlule, abangingizayo nabanamalimu. Kodwa le ndoda ifuna ukukhululeka, ngoba izizwa inamahloni ngakho. Ngakho-ke, namuhla, ngobuhle beNkosi uJesu, ngohlelo oluhlinzekwe nguNkulunkulu nendlela, ngobufakazi bukaMoya oNgcwele noBukhona bukaNkulunkulu, futhi njengenceku yaKhe, ngibeka izandla phezu kwakhe futhi ngiyawulahla lomoya. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungashiya umfowethu. Futhi kwangathi lento embi ingahamba, engavimba iVangeli. Futhi kwangathi angaphuma futhi akwazi ukushumayela iVangeli, ngokukhala kwelineqiniso, iphimbo elikhalayo, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

253 Nkosi, ngibeka lezi, izandla zami, phezu kwakhe, ngoba kungumsebenzi waKho. Kungukuyala waKho ukwenza kanjalo. NgoJesu Kristu, ukuthi Usipha khona, kube inkazimulo kaNkulunkulu.

254 Ngifuna wonke amakhanda akhothame, futhi kungabibikho ophakamisa amakhanda enu nizwe ningizwe ngisho njalo, ngiyacela.

255 Moya oNgcwele, phulukisa lomfowethu lapha, eGameni likaJesu Kristu, kube iNkazimulo kaNkulunkulu neVangeli.

Futhi ngiyakulahla, wena omubi. Hamba, eGameni likaJesu.

256 Manje, mfowethu, ngikholwa ukuthi uzoshumayela iVangeli. Ngiyakholwa. Futhi ngikholwa ukuthi uzokwenza ngaphandle kokungingiza, ngaphandle kokuba namalimu. Ngifuna wena uthi, "Mayibongwe iNkosi." [Umfowethu uthi, "Mayibongwe iNkosi."—Umhl.] "Haleluya." ["Haleluya."] Nakho lapho okhona. "Ngiyayithanda iNkosi." ["Ngiyayithanda iNkosi."] "ngiYinika udumo." ["ngiYinika udumo."]

257 Niyabo, kwehlukile manje. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Manje bambelela kuye, ngisakhuluma nawe isikhashana. Uzizwa ungcono manje,

uzizwa uhlukile. Impela. Ngoba iNkosi ikunike lokhu, futhi awusenakho. [“Amen.”] Wawunokunjalo . . . Ingabe ku . . .

258 Isho lokhu, “Ngiyamthanda uJesu.” [Umfowethu uthi, “Ngiyamthanda uJesu.”—Umhl.] “Makabongwe uNkulunkulu.” [“Makabongwe uNkulunkulu.”] Angikholwa ukuthi kuzoke kuphinde kubuye futhi.

Manje gcinani amakhanda enu ekhotheme. Lalelani lendoda.

259 “Ngiyamthanda uJesu.” [Umfowethu uthi, “Ngiyamthanda uJesu.”—Umhl.] “Makabongwe uNkulunkulu.” [“Makabongwe uNkulunkulu.”] “Ngizoshumayela iVangeli.” [“Ngizoshumayela iVangeli.”]

260 Akukho ukungingiza nhlobo. Usephulukisiwe. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Hamba endleleni yakho manje, uthokoza.

261 Manje asiphakamise amakhanda ethu futhi sinike uNkulunkulu udumo, sithi, “SiyaKubonga, Nkosi Jesu.” [Ibandla lithi, “SiyaKubonga, Nkosi Jesu,” futhi lidumisa uNkulunkulu.—Umhl.] Nakho kungena indoda enkonzweni, ukushumayela iVangeli, eyake yaba ngonamalimu.

262 Wathini uMose na? “Ngiyindoda ekhuluma kancane. Nginezindebe ezingingizayo,” nokunye nokunye.

UNkulunkulu wathi, “Ngubani owenza izindebe zomuntu na?”

263 Niyakholwa manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yibani nokukholwa manje.

264 Nizophinda nikhothamise amakhanda enu, ngomunye umuntu. Wonke umuntu emkhulekweni manje. Hloniphani ngokuzithoba.

265 Manje, inkathazo yakho, dadewethu? [Udade uthi, “Nginenkathazo ngohlangothi lwami; ukwethuka.”—Umhl.] Uvelaphi, dadewethu na? [“EHamilton.”] EHamilton, e-Ohio. Uyakholwa ukuthi uya ekhaya, uphilile na? [“Yebo. Ngiyakholwa.”]

266 Manje, inenekazi linenkathazo ezinhlangothini zalo, futhi livela eHamilton, e-Ohio. Futhi linokwethuka ngokwedlulele. Kungahle kungabibikho lutho olwenzekayo obungalubona, kodwa uNkulunkulu uzokwenza ngokufanayo nje. Izinhlungu zizolishiya, ngiyakholwa; uma uthanda, nami.

267 Manje, Baba waseZulwini othandekayo, ngiqonda lapha ukuthi, ndawondawo okhona, kumi iNkosi uJesu. Nodadewethu usehambe izindlela ezinde ezansi lapha ukuba akhulekelwe. Unenkathazo ohlangothini lwakhe, ukwethuka. Kodwa, Wena, Nkosi, Owavusa uJesu, futhi wenza ukulungiselela . . .

268 Futhi emuva, eminyakeni edlule, njengomfana omdadlana, emi ngaleya ngaphansi kwesihlahla, Wena wathi, "Ungalokothi ubheme, noma uphuze, noma ungcolise umzimba wakho. Kuzoba nomsebenzi wakho ozowenza uma usukhulile." Nanku. Ukuqinisekisile ngeNgelosi yokuKhanya. Wathumela izilwane ukuba zikhulekelwe. Ushanele umhlaba wonke ngemvuselelo, njengoba Wethembisa ezansi lapha emfuleni, ukuthi Uyokwenza.

269 Futhi nangu lo wesifazane emile, namuhla, ukuba akhululwe. Futhi, Baba, ngeGazi likaJesu eliligugu, ngokushunyayelwa kweZwi, Ngibeka izandla phezu kukadade futhi mkhulule ngokweZwi likaNkulunkulu nokukholwa kwakhe. Ngiyayilahla lento emkhathazayo, lelithunzi elidala lobumnyama elimenza abe nokwethuka. Ngiyakulahla kuye, eGameni leNkosi uJesu, ngithatha isinyathelo kuqala.

270 Sathane, awusakwazi ukumbamba. Uza indlela ende. Ubuyela emuva ngaphandle kwakho. Usuhambile, ngoJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu.

271 "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Washo njalo, Nkulunkulu, futhi makaphile. Sixosha isitha manje; nxusa iGazi leNkosi uJesu elungileyo, phakathi kwakhe nesitha, eGameni likaJesu.

272 Manje, bekungeke kube yilutho ngaphandle. Kodwa wena—wena uzizwela ukuthi uphulukisiwe. Awunjalo, dadewethu na? [Udade uthi, "Yebo ngiyezwa."—Umhl.] Izinhlungu azikho ohlangothini lwakho. Sezihambile. Uzizwa uzolile futhi uphilile. ["Kuhle!"] Manje khona lapha.

273 Nanti inenekazi. Ungaliphakamise ikhanda lakho. Uvela e-Ohio, naleyo nkathazo ohlangothini lwalo. Lithi, "Zonke izinhlungu ziphelile." Imisipha yalo isithulisiwe. Ngokufanayo nje nendoda . . . Ngabe kunjalo, dadewethu na? [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Manje usubuyela ekhaya ukuba uphile. UJesu, iNdodana kaNkulunkulu, Okhona kulokhu ukusa, ukuphilisile. ["Yebo. NgiyaKubonga Jesu."] Yiba yinceku enesibindi ngaYe. UNkulunkulu akubusise. ["Ngiyabonga."]

274 Manje ake sithi, "Mayibongwe iNkosi." [Ibandla lithi, "Mayibongwe iNkosi."—Umhl.] Kuthiwani ukube bekunguwe uhlupheka kanjalo na? Kulungile.

275 Manje sizakuphinda sikhothamise amakhanda ethu futhi, nje e . . . ngezwi lomkhuleko. Kulungile.

276 Manje si . . . ? . . . Manje, ya, siyini isicelo sakho na? O, . . . ? . . . O, ngiyabubona budlikiza. O, he! . . . ? . . . [UMfowethu Branham ukhuluma buthule emsamo—Umhl.]

Manje, wonke umuntu hloniphani ngokuzithoba ngempela, uma nithanda.

277 Manje, Baba wethu waseZulwini, lelinenekazi elincane liyafika, lingenakuzisiza, livela kodokotela. Bakwenze konke abakwaziyo ukukwenza. Ubuso balo budlikiza, imisipha, kukhona okungahambanga kahle. Odokotela, bezama ukuthola, kodwa abatholi ukuthi kungani lowo msipha ungeke usebenze kahle. Futhi, kulokho, ligula yonke indawo. Qiniso, Nkosi, leyo akuyona indlela yezwe namuhla! Kodwa, lazi lokho, limi lapha, lingenakuzisiza, eBukhoneni baKho. Manje-ke, njengenceku yaKho, ngililetha kuWe, ngakho konke ukukholwa engikwaziyo ukuthi kanjani. Futhi ngokwazi ukuthi nguSathane ophule lowomsipha, kukhona into ethile engabonakali odokotela abangakwazi ukuyithola, ebangela lowo msipha udlikisize ubuso balo. Kodwa Ungakwenza kuhambe, Nkosi, ngokuba Wena unguJehova uNkulunkulu. Nguwe owahlinzeka ngomhlatshelo eKalvari, futhi siyakwemukela manje.

278 Hamba, wena moya, wena odlikizisa ubuso balo, wena oye wahlupha umzimba walo. Siza eGameni likaJesu, sisanda kuvela eKalvari, sivela eZwini, futhi siyakulahla wena. Sisho ukuthi awusakwazi ukuhlala esinye isikhathi. Owesifazane uzamile kanye nodokotela, futhi benze konke abakwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, kodwa ubacashele odokotela. Kodwa awukwazi ukucashela uNkulunkulu. Uyazi ukuthi wena ungubani. Ngakho-ke, njengenceku yaKhe nommeleli waKhe, ngithi kuwe shiya udadewethu. Phuma kuye. IZwi likaNkulunkulu lathi, "Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bazosinda," ngakho usuhluliwe manje ekubuyisaneni kwaseKalvari. Suka kulo wesifazane, eGameni likaJesu Kristu. Ngiyamkhulula kuwe, ngomyalo kaJesu Kristu, ukuthi sifanele sibeke izandla phezu kwabagulayo futhi sixoshe imimoya emibi. Futhi umubi, futhi ufanele umshiye. Futhi yana ekhaya futhi uphile, ngeGama likaJesu Kristu.

Manje amakhanda enu ekhotheme isikhashana nje.

279 Manje, Nkk. Kinzer, ngikholwa ukuthi igama lakho bekuyilo. [Udade uthi, "E-hhe."—Umhl.] Bekungebe khona lutho impela, ukukholwa kwakho kuphela nje, ukumisa ukudlikiza, selokhu sikhulekile, ezansi ohlangothini. Kodwa ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi nikahle, futhi niphilile. Kwakunga*lolu* hlangothi phakathi lapha, khona kanye phakathi kobuso bakho. Manje ungeza lapha. Uvelaphi manje na? ["EBoston, eKentucky."] EBoston, eKentucky.

Ungaliphakamisa ikhanda lakho.

280 Inenekazi, ku*lolu*hlangothi lobuso balo, belinokuthile emphinjeni walo phansi lapha kudlikiza, kugxuma phansi naphezulu, umsipha. Yini leyo na? Kunjengoba nje iBhayibheli lathi, "Umoya oyisithulu waphuma kumuntu." Udokotela akakwazanga ukukuthola ngoba kwakunguku—ukuhlinzwa komsipha. Umsipha usekhona, kodwa kukhona okuthize

kulowo msipha, okuwenza ugxume futhi uqhubeke. Odokotela abakwazanga ukukuthola lokho, kusobala, ngoba . . . [Udade uthi, "Ngiye kwabayishumi nantathu."—Umhl.] Usebe kodokotela abayishumi nantathu abehlukene. Futhi manje uJesu Kristu ukumisile, futhi nanto phambi kwenu. Futhi lizophila. Lizoba kahle manje.

281 UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Kinzer. [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu akubusise.

282 Lolu wusuku lwakhe lokuzalwa, futhi wathi, "olujabulisayo kunazo zonke" ake aba nazo. Mbukeni njengoba ehla. Akumangalisi yini lokho na? Ake sithi, "Makabongwe uNkulunkulu." [Ibandla lithi, "Makabongwe uNkulunkulu."—Umhl.] Makabongwe uNkulunkulu!

283 Manje, siyayithanda iNkosi yethu uJesu ethandekayo ngayo yonke inhliziyo yethu. Lapha etabernakele, sifunde ukuMthanda, nokuMthemba ngakho konke esikudingayo.

284 Manje, ngiyabonga ngokugcina ikhanda lakho likhotheme. Futhi manje bazoletha isiguli esilandelayo, ngenkathi ukhothamisa ikhanda lakho futhi ube semkhulekweni. Yimikhuleko yenu, nani.

285 Wena ungu . . . [Udade uthi, "UNkk. Brown waseLima, e-Ohio."] E-hhe. Futhi yini . . . [" . . . ? . . . "] Impela. Futhi iyini inkathazo yakho na? [" . . . ? . . . "] E-hhe. Ingabe, wena u—wena uyisithulu noma okuthize, kokwakho . . . ? . . . [" . . . ? . . . "] E-hhe. [" . . . ? . . . "] Yebo, mam. [" . . . ? . . . "] Okuthile njengamathumba noma okuthile na? Kulungile. Futhi ungowase-Ohio na?

286 Lo dade uvela le e-Ohio. Inkathazo yakhe isezindlebeni zakhe. Bona ba . . . Ziyaqhuma futhi sinzwininize, futhi kumbangele izinkathazo eziningi. Futhi siyakholwa ukuthi uJesu angakunqoba lokhu, noma usevele ukunqobile. Futhi siyeza manje ukuzothatha ukunqoba kwakhe eKalvari.

287 Manje, Baba wethu, onomusa, waseZulwini, siletha kuWe udadewethu othandekayo oze evela kude e-Ohio, lapha, namuhla, ukuba aphulukiswe. Futhi ngayo yonke inhliziyo yami, nemikhuleko emide ubusuku bonke, ngiKucelile, Nkosi, ukuba wenze lezizinto. Futhi ngiyazi ukuthi kulula ukuKucela, lapho Wathi Uyokwenza. Ngi—ngibonga kakhulu ngokuthi Ukwenzile.

288 Futhi manje simletha kuWe, ekukhanyeni kwesiphambano saseKalvari, lapho uJesu, emi lapho, owenza u—ukubuyisana. Ukuthi Washwibeka kanjani phakathi kwamazulu nomhlaba, ubuyisanisa kwaseZulwini emhlabeni, ngokuchithwa kweGazi laKho uQobo. Ukuthi Waphakanyiswa kanjani emhlabeni! Wafa maphakathi emoyeni. Futhi lapho iGazi laconsa phezu komhlaba, ukungcolisa isiphambano esidala saseKalvari. Yilapho-ke Omoshe khona imibuso. Yilapho-ke Owaphanga

khona uSathane konke ayenakho. Wabuyisela emuva, futhi wanikeza abantwana bakaNkulunkulu, okungokwabo ngokomthetho. Yilapho-ke Usinika khona ukuPhila okuPhakade. Yilapho-ke Osinika khona isithembiso sovuko. O Baba waseZulwini, owakhokha inani!

289 Futhi, namuhla, Umkhokhele ukuphiliswa kwakhe. Futhi ngimi njengenceku yaKho, kanye nalawa amanye amakhulu ezinceku kulesi sakhiwo. Futhi siyamlahla lodeveli ohlupha udadewethu. Futhi sithi, ngokulunga kukaKristu, ngomyalo waKhe eKalvari, siyakulahla kude kudadewethu. Futhi simthumele ekhaya lakhe e-Ohio, ukuze lezi umsipha angaphinde ubile lapho futhi uqhume futhi, ukuthi uzophila ngokuphelele. NgoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, siyakucela. Amen.

290 Manje, dadewethu, uma . . . Kusobala, ukukhombisa noma yini, ubungeke ukwenze. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Kodwa, uyakukholwa, awukukholwa na? ["Yebo. Ngiyakukholwa."] Wena uyakukholwa. Ngifuna uhambe uze ngapha.

291 Manje, kuwe, ungaphakamisa ikhanda lakho. Udadewethu lapha akakwazanga ukukhombisa lutho, ngoba bezinganswininizi ngaleso sikhathi, izindlebe zakhe. Kodwa sine, kulokhu ukusa, isiqiniseko, enhliziyweni yami nasenhliziyweni yakhe, futhi, ngiqinisekile, enhliziyweni yakho, ukuthi uNkulunkulu umphulukisile udadewethu. Uyakukholwa na? [Udade uthi, "Amen. Amen. NgiyaKubonga Jesu." Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi kuzoba ubufakazi.

Futhi uNkulunkulu akubusise, dade. Amen. Makabongwe uNkulunkulu!

292 Manje singaphinda sikhothamise amakhanda ethu futhi, sisakhulekela omunye.

293 Awu, dade, ngikubona usendukwini yakho yokuqhugela, ngakho-ke ngiyazi kakhulu ukuthi yilokho.

294 Manje sizakukhuleka. Khothamisa ikhanda lakho, umzuzwana nje, ngenkathi ngisakhuluma nodade.

295 Manje, yini inkathazo yakho, sisi na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo, mem. Futhi lokhu yi— yilokho kudiyazela, ngabe kunjalo na? [". . . ? . . ."] . . . ? . . . Umfutho wegazi ophezulu. Yebo, mem. Futhi ungumKristu? ["Yebo, mnumzane."] Yebo, mem. Futhi uyakholwa manje ukuthi usuze eNkosini uJesu, dadewethu na? ["Yebo."]

296 Manje, udadewethu unamaqakala amabi. Uhamba nge—nge—nge—ngenduku yokuqhugela yokukusekela. Futhi unomfutho wegazi ophezulu, ne—nezinto eziningi ezingalungile ngaye. Simyisa kuJesu, ngalesisikhathi, okokuphulukiswa

kwakhe. Yiba semkhulekweni manje, ukuze umkhuleko wakho udlulele yena.

297 Manje, Baba wethu waseZulwini othandekayo, udadewethu othandekayo umi lapha, nokho ungowesifazane osemusha. Kodwa, uSathane ubeyomnika unhlangothi ukuba ubengakwenza; ubeyomlalisa ngaleya, embhedeni wosizi. Ubeyomkhipha ekuthunyweni, uma ekwazi, ngokuba akabufuni ubufakazi bakhe. "Kungani lokhu kwenzeka kumKristu na? Kungani na?" Besingabuza, noma labo abangeqonde. Kodwa, Baba, siyazi ukuthi bekungokwenkazimulo yaKho.

298 Kwashiwo ngesinye isikhathi, "Ngubani owonayo; lomfana, noma unina, noma uyise na?"

299 Wena wathi, "Akakho, kodwa ukuze kubonakaliswe imisebenzi kaNkulunkulu."

300 Siyakukholwa lokho ngodadewethu, kulokhu ukusa. Sikholwa ukuthi yingalesosizathu amaqakala akhe aba kuleso simo. Sikholelwa ukuthi yingakho umfutho wegazi ophakeme wamshaya, ukuze Umbonise uthando nomusa waKho kuye, ukuze Ufakazise kuye ukuthi UnguJehova Ophulukisa izifo zethu.

301 Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi lomfutho wegazi uzokwehla ngaleyondlela, aze athi udokotela, "Kwenzakaleni kuwe na?"

Khona-ke, kudokotela, uyothi, "UJesu ungiphulukisile."

302 Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomenza ahambe ngalawa maqakala ngaphandle kwalokhu kusekela. Ukuthi uzokwazi ukuhamba futhi aphile futhi—futhi abe njengoba efuna ukuba njalo. Futhi, Baba, iZwi liphumile, nokho ngobulula baLo nendlela enqunyiwe, kodwa impela Liyithathile inhliziyo e . . . indawo ezinhliziyweni zalamaKristu. Futhi manje umi lapha. Ulindele ukuphulukiswa kwakhe. Awulahlekelwa ngumuntu. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzophulukisa udadewethu futhi uzomphilisa.

303 Futhi manje, njengenceku yaKho, njengomuntu okholelwa kuWe, kanye nalezi ezinye izinceku zaKho, ezikhotheme ngomkhuleko. Senyusela udadewethu eKalvari; ngaleya kulenga iNkosi uJesu. O, kumangalisa kanjani! Ngimi ngaleya, umhlaba ngaphansi kwaKhe, amazulu ngaphezu kwaKhe, ebuyisanisa uNkulunkulu nomuntu ndawonye. Futhi siza eGameni laKhe.

304 Futhi okuvimba lona wesifazane ekubeni yinceku ekhululiwe ngokuphelele, ngudeveli. Futhi lapho, uJesu, Wamhlubula, futhi Wena u . . . wathatha wonke amalungelo angokomthetho ayenawo, wawasusa kuye. Futhi namuhla ungukusabisa kuphela, futhi ngeke sikwamukele. Ngeke sikwamukele, ngoba uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu usinika i . . . ukufakazisile. Usitshele ukuthi besingakwenza, futhi siyakukholwa. Futhi sibuyisela lokho okuzama

ukukuphanga udadewethu. Simnika impilo yakhe. Sisusa lobu buthakathaka emaqakaleni akhe. Sibuyisela lomfutho wegazi esimeni sawo esijwayelekile, futhi sikhuze udeveli okwenzile, eGameni likaJesu Kristu, ekukhanyeni komhlatshelo waseKalvari.

305 Phuma kuye, Sathane. Umubi, futhi awusakwazi ukumbamba esinye isikhathi.

306 Futhi Wena, Nkosi, Owanikeza umbono ngobunye ubusuku, futhi wathi, "Lezi zinto zizobakhona." Wena uQinisile, futhi awehluleki. Futhi manje ngicela ukukhululwa kukadadewethu, ngeGama likaJesu Kristu, Oyokwamukela lonke udumo nenkazimulo.

Namakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu.

307 Manje, dade, ngempela, ngaphandle, mina . . . into kuphela engingayisho, ukuthi ubuso bakho, obebubomvu ngempela futhi bucwazimula lapho ukhuphuka, sebehlile. Angazi noma uyakuzwa yini. [Udade uthi, "Ngizizwa ngithobile."—Umhl.] Uzizwa uthobile futhi upholile. Futhi manje ake sibone induku yakho yokuqhugela lapha, umzuzu nje. Angikholwa ukuthi uzophinde ube nayo futhi, vele uhambahambe lapha ngaphandle kwayo. [" . . . ? . . . "] Hamba nje, niyabo, vele uhambahambe lapha. Manje lokho kulungile.

308 Manje ngifuna nina nonke nibuke. Inenekazi ebelibomvu ubuso, lizizwa lithobile. Buka ukuthi bubukeka kanjani manje. Ububonile ubuso balo, ukuthi belibukeka libomvu kanjani. Futhi lapho li . . . Futhi lizizwa ngokwejwayelekile, ukuthi uNkulunkulu uliphulukisile futha waliphilisa. Futhi, induku yalo yokuqhugela, ngeke lisayidinga leyo, akunandaba ukuthi likuphi.

309 Qhubeka uye phansi, dade, nje—nje thatha into nje uyithwale, ngisanda kuthola . . . ilengise endlini yakho kube yisikhumbuzo, niyabo, ngeke kudingeke ukuba ube nayo.

310 Ake sithi, "Mayibongwe iNkosi." [Ibandla lithi, "Mayibongwe iNkosi."—Umhl.]

Kulungile, singaphinda sikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko.

Kulungile, ungamletha udade.

311 Futhi yini inkathazo yakho, dadewethu na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O. [" . . . ? . . . "] O. Uvela kuphi na? [Udade uthi, "EMadisonville, eKentucky."] EMadisonville, eKentucky. Nkk. Jackson.

312 Lo dade unesifo samathambo, kanti ezinye izinkinga zangaphakathi zimbi kakhulu. Futhi angazi ukuthi kuyoke kwenzekeni uma uNkulunkulu engamsindisi. Mhlawumbe uzodingeka ahlinzwe, futhi lokho kuyingozi kakhulu ngaleso

sikhathi, ngakho-ke sikhulekela ukuthi uNkulunkulu abe nomusa futhi amphulukise.

313 Baba wethu waseZulwini, onomusa, siletha kuWe, namuhla, udadewethu othandekayo, uza yonke indlela evela eMadisonville, eKentucky, ezansi lapha ukuzokhulekelwa. Futhi Wena unguMphulukisi, onobuNkulunkulu. Futhi ngimletha konamandla onke waKho, naseBukhoneni baKho obukhulu, yena . . . aMandla aKho noBukhona baKho, ukukhuza lesi sifo samathambo esidala esingafaka udoti wekhalisiyamu kulawa mathambo eminwe yakhe, lokho kungafaka udoti wekhalisiyamu kulawa maqakala namadolo.

314 Nango elele, elulekile embhedeni, kukhona umuntu omfunza ngepayipi. O, wena moya omubi, ubungabangela ukuba impilo yakhe ithathwe, kulobu obunye ubuthakathaka. Kodwa siyamletha, namuhla, kuJesu Kristu.

315 Futhi, O Nkulunkulu, ukukhulisa ukukholwa kwami uqobo ngaye manje, ngazi ukuthi umkhuleko wokukholwa ukhulekiwe! Ngiyamlahla udeveli, ngimxosha kuye naye, ngoJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu; mkhulule esifweni samathambo nazo zonke lezi ezinye izifo, ukuze aye ekhaya futhi aphile, futhi anikeze ubufakazi kulo lonke lelozwe, benkazimulo kaNkulunkulu.

316 Sathane, ulahlekelwe ukunqoba, noJesu Kristu unqobile. Futhi sengathi angaphila, ngoJesu Kristu. Amen.

317 Dadewethu, othandekayo, kungahle kungabibikho lutho abantu abangalubona, kodwa ngikholwa ukuthi uphilisiwe. Phakamisa izinyawo zakho, ubone nje uma uzizwa ungcono, esifweni sakho samathambo. Uzizwa ukahle manje na? Manje nonke niyabona ukuthi uzinyakazisa kanjani izinyawo zakhe, cishe. Hamba wehle ngqo manje, njengencane nje, inenekazi eliselincane, ukuthi nje awukwenzi ngisho awukwenzi . . .

318 Sidumisa nje iNkosi uJesu ngabo bonke ubuhle nomusa waYo!

319 Manje hloniphani ngokuzithoba, wonke umuntu, njengoba sikhuleka. Futhi manje kancanyana nje, futhi thina . . . ngokushesha nje lapho sikhulekela lengane, khona-ke sizoninikeza ikhefu elincane, khona-ke ningahamba. Kusithatha nje cishe imizuzu emithathu manje, khona-ke sizoba nekhefu elincane, bese-ke siqala ngabanye abantu abengeziwe. Kulungile. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngempela manje. Kulungile.

320 Ngabe yingane efuna ukukhulekelwa na? Futhi ufuna ukukhulekelwa, nawe na? Mfowethu Wilson, ngiyajabula ukwazi ukukuxhawula. Futhi ingane yakho i . . . [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O, ngiyabona. O, yebo, ngiyabona. Yilena enento efana nokudikiza. Iyawa. ["Iyawa."] Ngiyabona iphihlize ubuso bayo obuncane, phezulu

lapho. Awu, manje-ke, dade, uzokholwa (nawe, Mfowethu Wilson) namuhla ukuthi uJesu uzosusa lokhu enganeni yakho, futhi—futhi uyiphilise na?

321 Manje, ingane encane emi lapha, inokuthile okungalungile. Yayinokudikiza, ukuthi iyawa. Futhi ubuso bayo obuncane, amehlo ayo amancane, ahuzukile futhi amnyama, kanjalonjalo. Nobaba ufuna ukuphiliswa, futhi. Manje, siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzosusa lesi siqalekiso kuleyongane encane.

322 Manje, zethameli, niyakholwa yini ukuthi owethu onomusa, uBaba waseZulwini, ngomusa waKhe, ozovumela lengane encane iphile, ingabi nalokhu kudikiza, ukuthi kuzoyishiya? Uyakholwa, uma sicela uBaba wethu waseZulwini, Uyokwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

Asikhuleke.

323 Futhi, Mfowethu Wilson, yayiyini inkathazo yakho na? Ngikhohliwe. [UMfowethu Wilson ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] E-hhe. Ngiyabona. Mhlawumbe into efanayo obekuyinkinga ngengane, futhi.

Kulungile, manje sonke asihloniphe ngokuzithoba ngempela.

324 Manje, Baba wethu waseZulwini onomusa, siletha kuWe, kuqala, njengoba efika kuqala emhlabeni, uyise wengane. Futhi izinto ezimbi zimehlele. Udeveli umnqobile ezikhathini eziningi ezinkulu. Kodwa, namhlanje, simletha eBukhoneni bukaJesu Kristu, ngendlela yomkhuleko. Simletha eKalvari, lapho, lapho lapho uJesu afela khona ukuze Abe nemizwa emihlanu ngokugcwele. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoba nomusa kuye. Ukuthi, siyakholwa ukuthi lezizinto esizenzayo zingokweZwi laKho. Wena wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha umoya omubi." Siyakukholwa lokho. Nokho, izikhathi, abantu . . .

325 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . wangitshela into ethize okufanele ngiyenze, nento ethize okufanele ngiyisho. Futhi angizange ngikhumbule ukuthi kwakuyini Ayisho, ngenkathi ngivuka. Uyakhumbula lokho. Ngobunye ubusuku, embonweni, ngenkathi Ekhuluma kimi, "Futhi lezi zinto kwakungafanele zenziwe esidlangalaleni. Kufanele kwenziwe ngasese." Futhi uMfowethu Cox, omi eduze, saphakamisa, mhlawumbe kungaba kuhle kakhulu ukuvumela abantu beze nga*le*ndlela, mangibe nomuntu ngayedwa ngesikhathi, e—egumbini lomkhuleko lapha, ukuba lokhu kwenziwe.

326 NgeSonto eledlule, ngenkathi ngilapha, bengikwenza lokhu kuqala etabernakele. Ngathola wonke umuntu ekhothamise amakhanda abo, ukuze ngikwazi ukuhamba ngehlele lapho kulona wesifazane owayekhubazekile, elele kuloluhlaka. Futhi wakhululwa ngokuphelele.

327 Futhi kulokhu ukusa, ngithe, "Nkulunkulu, uma nje Uzongisiza isikhashana, isixuku size singahlaliseki. Awu, ngisize, kuze kuba, mhlawumbe uma ngingagcina abantu bekhothamise amakhanda abo, ukuze bengakuboni kwenziwa." Niyabo? Wonke umuntu . . .

328 Futhi uma ngibeka . . . ngiqala ukubeka izandla zami phezu kwabantu, khona-ke wonke umuntu uqala ukuthola, "O, ngiyaKuzwa esandleni sami." Niyabo, kanjalo. Futhi uma Kufika, khona-ke wonke umuntu uyaqala . . . Niyabona ukuthi kuba kanjani na? Okwakungukulingisa kwenyama ngokuphelele. Kunjalo impela. UMoya oNgcwele ofanayo owangitshela ukuba ngikwenze, wathi kwakunjalo. Ngakho-ke ngangazi ukuthi kwakungalungile.

329 Ngakho-ke kungalesosikhathi Angitshela ngaso ngobunye ubusuku, wathi, "Nibangele inqwaba yokulingisa kwenyama ukuthi kuvuke, nokwenza lokho." Wathi, "Manje makungabonwa muntu lokhu."

330 Futhi yilokho ebengikwenza kulokhu ukusa, ukuze nje nonke nazi. Nizobona manje ukuthi nginitshele iqiniso.

331 Qaphelani nje manje ukuthi iNkosi izokwenzenjani kulezizimvuselelo ezizayo. Kuzoba ngokwedlulele, ngokuchichimayo ngaphezu kwanoma yini esake yenziwa namanje. Niyabona nje manje. Khumbulani, angiyena umprofethi wamanga. Ngikhuluma iqiniso. UNkulunkulu wayengeke aqambe amanga. Futhi ubone ukuthi ngeke yini kube kukhulu kunalokho okungakaze kube yikho nganoma yisiphi isikhathi.

332 Manje, nina bantu abathandekayo, kunabaningi benu abashaye umugqa lapha ukuba nikhulekelwe. Sesishiywa yisikhathi. Ngizo . . . Futhi—futhi ngi—ngiyazi ukuthi ufuna ukukhulekelwa. Futhi ngifuna ukukhulekela lezizinto. Inenekazi linentombazanyana emi lapha; nomama ephethe ingane encane; na—nabo bonke; futhi sifuna bakhulekelwe. Sifuna bakhululwe. Asifuni na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sifuna baphiliswe, ngamunye; laba bafana abancane abaguqe phansi lapha; futhi bonke emuva phakathi lapho, abantu; nabantu lapha abanomdlavuza, nesimo esibi, futhi bazokufa.

333 Manje, asikholwa yini ukuthi uJesu ulapha manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asikholwa ukuthi Ulapha na? ["Amen."] Futhi siyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yethu, ukuthi Uzosiphilisa sonke ngabanye. Awukukholwa lokho na? ["Amen."] Uyasithanda sonke. UNkulunkulu akakhethi bala lamuntu.

334 Uzophulukisa intombazanyana, Akasuye, dade lapho nentombazane na? Yena . . . [Udade uthi, "Usevele uqalile."—Umhl.] "Usevele uqalile!" Busisa inhliziyo yakho! Uvela kuphi, dadewethu na? ["ECrestwood."] ECrestwood,

eKentucky. ["*Le*ndoda lapha yamkhulekela, ngobunye ubusuku, futhi ubelulama kusukela lapho."]

335 O, ake sithi, "Mayibongwe Nkosi." [Ibandla lithi, "Mayibongwe Nkosi."—Umhl.] UMfowethu Neville uyeza, wakhuleka, lentombazanyana.

336 Awu, ubhuti wami lapha, umfowethu—uMfowethu Wood, uvela eCrestwood. Futhi eyakhe... Uyabazi, Mfowethu Wood, uyabazi na? Hhe? [UMfowethu Wood uthi, "Yebo."—Umhl.] E-hhe! Ungusonkontileka laphaya.

[Omunye uthi, "Ngimbonile ngalapho."—Umhl.] Yebo.

337 Nengane encane lapha, ivelaphi dadewethu na? [Udade uthi, "EGary, e-Indiana."—Umhl.] EGary, e-Indiana. Futhi uyakholwa ukuthi izo, hamba—buyela eGary futhi uphile, awukholwa na? ["O, yebo."] Impela, uyakholwa. Kulungile.

338 Futhi bavelaphi abafana abancane na? [Umfowethu uthi, "E-Austin, e-Indiana."—Umhl.] E-Austin, e-Indiana. Niyakholwa ukuthi nizobuyela emuva futhi niphile, namuhla, futhi, anikholwa na? ["Amen."] Impela, siyakholwa.

339 Ngabe ileyongane encane ezokhulekelwa, dadewethu na? Uvela kuphi na? [Udade uthi, "E-Indiana."—Umhl.] E-Indiana. Kuphi? ["ENew Albany."] E-New Albany. Uyakholwa ukuthi ingane encane izophila na? Impela.

340 Futhi uyakholwa ukuthi bonke laba abanye abantu bazophila ngalapha, wonke umuntu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje ake sizibophe ndawonye, futhi sithi, "Jesu Kristu, Uyaphila futhi uyabusa!"

341 O, cabanga ngokuphakama kweNkosi uJesu; Ubani owayengenza lawo mehlo engane aphuphutheke ngokuphelele avuleke; Ubani obengenza leyondoda engingizayo... [UMfowethu Branham ulingisa ukungingiza—Umhl.] ...futhi ime lapha futhi ikhulume ngesibindi nangokujwayelekile; Ubani obengenza lezi ezinye izinto zenzeke. UNkulunkulu unguNkulunkulu! AkasiYe na? [Ibandla lithi, "Amen."]

342 Lezo yizinto ezincane, kulokho Azokwenza. Uzokwenza ezinkulu, izinto ezinkulu, futhi nje aqhubeke ezenza aze Afike. Kunjalo.

343 Manje ngizokutshela isimo sengqondo okufanele ungene kuso. Ngena esimweni sengqondo salokhu, "Jesu, Ulaphaa. Manje ngiyakwamukela ukuphulukiswa. Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke. Futhi manje sekufeziwe."

344 Futhi enhliziywени yakho, njengoba nje uza kuYe ukuze usindiswe, wena yithi, "Nkosi Jesu, nginikela ngakho konke okwami. Akusekho engingakwenza. Nansi inhliziyo yami. Nansi impilo yami. Ngizinikela kuWe." Yilokho kuphela okungenziwa. Bese-ke uthi, "Ngiyakholwa, Nkosi Jesu."

345 Futhi khona manjalo, Okuthile lapha phansi kuthi, "Yebo, uyakholwa. Yebo, uyakholwa."

346 Inesikhathi esingakanani ingane yakho igula, mfowethu na? [Umama uthi, "Selokhu yazalwa."—Umhl.] Selokhu yazalwa. Iyini inkathazo yayo na? [Ubaba uthi, "Ilibele."] Ilibele? Bukani, niyazi ukuthi udeveli wenze lokho. Kunjalo. Udeveli wakwenza lokho. UNkulunkulu angayiphilisa leyongane futhi. Cabanga nje, ngibone inqwaba yalolo daba, lokho kuyinto evamile ngokuphelele nekuhle manje. Futhi ngiyafuna. . . Ngiyazi. Ngithole ingane encane, nami, futhi ngiyazi ukuthi uzizwa kanjani. Futhi vele ube nesibindi.

347 Nobabili ningamaKristu na? Akekho noyedwa kinina ongamaKristu na? Nizonikela ngezimpilo zenu kuJesu, kulokhu ukusa, nime lapho, futhi nithembise ukuphilela Yena, uma uNkulunkulu ezovumela ingane yenu encane iphile futhi ibe ngejwayelekile na? Nizokwenza, uzokwenza, mfowethu na? Uzokwenza. Uzokwenza, uzokwenza, dadewethu na? UNkulunkulu anibusise. Manje seniba ngamaKristu uma namukela iNkosi uJesu njengoMsindisi wenu. Manje siyaMemukela njengomphulukisi wengane.

348 Manje, Baba waseZulwini, ngenkathi ngibeka izandla phezu kwalomntwana omncane obusisiwe. Ukuthi abantwana ababili abasanda kuzalwa basanda kuza, ubaba nomama. Futhi kudingeke kuthathe lengane, ukubaletha ekuPhileni okuPhakade. Mhlawumbe, ukube bekungengenxa yokuthi ingane ibe ngale ndlela, ngabe balahleka inguna phakade. Kodwa umntwana ube ngokwesikhashana, noma umsindisi omncane kubo, ukubaletha eNkosini uJesu, okwensindiso yabo. SiyaKubonga, Baba. Futhi manje babusise.

349 Bangabantwana baKho. BayaKwemukela. Wena wathi eZwini laKho, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade futhi akasoze aya ekulahlweni." Ngibuka phezu kwalezi zithandani ezisencane lapha, futhi ngibona lokho kuKhanya kulenga phezu kwazo, njengoba ngiqala ukuya ekupheleni komugqa. Futhi ngibona lokho kuKhanya kulenga phezu kwalezi zithandani ezisencane, ngicabange ukuthi kuhle ukukhuluma nazo, Baba. Hhayi ukuthi izethameli ziyezwa, kodwa Wena wedwa. Futhi manje bekuyini na? BekunguWe udonsa enhliziyweni yazo, ngaleso sikhathi esibucayi kakhulu. O Nkulunkulu, sibonga kakhulu ukuthi bangamaKristu.

350 Sibusisa ingane yabo, eGameni likaJesu Kristu. Siza ngoba uNkulunkulu wathi, noma uJesu wathi, eZwini laKhe, "Celani kuBaba noma yini eniyithandayo, eGameni laMi, ngizokwenza." Futhi ngakho-ke sicela uBaba, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKhe, ukuthi Uzobusisa lengane. Futhi kwangathi kungaba khona ushintsho olunjalo kulengane, emahoreni

angamashumi amabili nane alandelayo, kuze kuthi uyise nonina bazothokoza futhi bazi ukuthi kwenzekeni, ukwazi ukuthi iNkosi yabo abasanda kuyithola uJesu uphulukisa ingane yabo. Siphe khona, Nkosi. Ngiyayikhuza imisebenzi kadeveli, izono ziyavunywa. Ubaba nomama bangamaKristu.

351 Manje, Sathane, awusenalungelo. Sekuphelile. Ngakho-ke, siyakunqoba ngeGazi likaJesu Kristu, Owasiyala ukuba senze njalo, futhi siyakulahla kulomntwana.

352 Futhi manje kwangathi ingaqala ukukhula futhi ithuthuke, futhi—futhi ilulame futhi iphile, futhi ibe umntwana osemncane okahle ozokwenza uyise nonina baziqhenye ngaye. EGameni likaJesu senza lesisibusiso. Amen.

353 NingamaKristu manje, nobabili, kuKristu. Buka umehluko wengane yenu. Futhi nihlala kuphi manje na? [Ubaba nomama bathi, "EGary, e-Indiana."—Umhl.] EGary, e-Indiana. Ngibhalele, noma ungishayele ucingo, e—ezinsukwini ezine noma ezinhlanu ezilandelayo. Futhi nibone ukuthi mehluko muni eniwubona enganeni, lapho senibuyela ekhaya!

Masimbonge uNkulunkulu ngalomsebenzi omangalisayo.

354 Ngiqale ukwehlela lapha ekupheleni komugqa, futhi ngiqala ukukhuleka. Bengiqhubeka nokuqaphela ugcobo lulapha kakhulu manje nje. Niyalubona, qaphelani abantu, kanjalonjalo. Kodwa ngithi ukwenza lokho okwesibili, ngikuphonse ohlangothini olulodwa, ngize ngidingeke ukuba; njengasenenekazini esikhashaneni esedlule. Kodwa ngiKubonile kulengela phezu kwalezozithandani, futhi bengilokhu ngimangele ukuthi beKukuphi. Futhi ngicabangile, "Yilapho obeKukhona, khona ngqo kulabobantu lapho."

355 Ngakho-ke, manje, sizokhulekela wonke umuntu. Nonke nizokhulekelwa, inqobo nje . . . Nkulunkulu mangiphile. Futhi sizoqala futhi sikhuleke, ukuze sithi ukuphuma. Sifika lapha ekupheleni komugqa.

356 Mfowethu Fleeman, unayo . . . kulungiswe lapho ukuze sidlule na?

357 Manje ngizokwehlela lapho futhi ngikhulekele wonke umuntu. Futhi ngifuna nidlule, nithokoza, futhi nibonga uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwenu. Amen.

358 Kubantu, eduze, buka ukusakaza kukaMfowethu Neville, ngoMgqibelo ozayo, mayelana—mayelana . . . kwalenkonzo yangeSonto elizayo, uma ngibuya ngesikhathi okwangeSonto elizayo. Kulungile. [UMfowethu Branham ukhulekela abagulayo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org